KWAZULU-NATAL PROVINCE
COOPERATIVE GOVERNANCE AND TRADITIONAL AFFAIRS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# Izinkambiso kanye Namaqophelo amaqondana Nezokuhlela kanye Nezentuthuko eSifundazweni saKwaZulu-Natali Ukuhlelwa Kahle Kwezindawo Zengqalasizinda Yezinsiza Zikahulumeni

Lokhu kususelwe
Esigabeni 142 soMthetho Wezokuhlela kanye Nezentuthuko KwaZulu-Natali, wezi-2008 (uMthetho uNo. 6 wezi-2008) ofundwa neSigaba 155(7) soMthethosisekelo WeRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, we-1996

## OKUQUKETHWE


| | | |
|---|---|---|
| 1 | Isifinyezo Sokuqukethwe | 4 |
| 1.1 | Indikimba | 4 |
| 1.2 | Inhloso | 5 |
| 1.3 | Izikhungo Zomphakathi Eziqondene Nalokhu | 6 |
| 1.4 | Uhlaka Lwezinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza | 6 |
| 2 | Izincazelo Zamagama | 8 |
| 3 | Izinkambiso | 9 |
| 3.1 | Ubulungiswa kanye Nokulingana Kwezezindawo | 9 |
| 3.2 | Inani Labantu kanye Nezindawo Zokusebenza | 9 |
| 3.3 | Ukukleliswa Kwezikhungo Zokusebenzela | 10 |
| 3.4 | Ukufinyeleleka | 16 |
| 3.5 | Ukuhlanganiswa Kwezikhungo | 16 |
| 3.6 | Amandla okukhokha | 18 |
| 4 | Incazelo kanye Nemibandela Yesikhungo | 20 |
| 4.1 | Izikhungo Zezempilo | 20 |

4.1.1. Isibhedlela Sesifunda (L2) 20
4.1.2 Isibhedlela Sendawo (L1) 21
4.1.3. Izikhungo Zomphakathi Zezempilo 23
4.1.4. Imitholampilo Ehlinzeka Ngosizo Oluyisisekelo 24
4.2 Izikhungo Zezokuphepha kanye Nokuvikela 28
4.2.1 Iziteshi Zamaphoyisa 28
4.2.2 Iziteshi Zezicishamlilo 30
4.2.3 Amajele kanye Nezindawo Zezokuphepha 32
4.3 Izikhungo Zezemfundo 34
4.3.1 Imitapo Yolwazi 34
4.3.2 Izikole Zamabanga Aphezulu 38
4.3.3 Izikole Zamabanga Aphansi 44
4.3.4 Izikhungo Zokunakekela Izingane Ezincane/Izinkulisa 50
4.4 Imisebenzi kaHulumeni kanye noMasipala emaqondana Nezenhlalo kaMasipala 53
4.4.1 Izikhungo Zezemisebenzi Yomphakathi / kaHulumeni 53
4.4.2 Ukuthuthukiswa Komphakathi, amaHhovisi akwa-SASSA kanye Nezindawo Okuholelwa Kuzo Izibonelelo zikaHulumeni 56
4.5 Izindawo Zokuqhuba Imicimbi Yomphakathi 60
4.5.1 Amahholo Omphakathi 60
4.6 Izindawo Ezivulelekile Zomphakathi 63
4.6.1 Ezemidlalo kanye Nokungcebeleka 63
4.6.2 Amapaki Omphakathi 68
5 Umthelela wezomthetho 72
5.1 Abantu okusebenza kubo lezi zinkambiso kanye namaqophelo 72
5.2 Ukusetshenziswa Kwezinkambiso kanye Namaqophelo 72
5.3 Indawo okusebenza kuyo lezi Zinkambiso kanye Namaqophelo 73
5.4 Ezinye izinkambiso kanye namaqophelo 73
6 Ukuqalisa ukusebenza 73
6.1 Izinkambiso kanye Namaqophelo Kazwelonke 73
6.2 Izinkambiso kanye Namaqophelo eSifundazwe Ahambisanayo 73
6.3 Ukusebenzisana Neminyango Ethintekayo 73
6.4 Ukuxolelwa 74
6.5 Imibhalo Yokweseka kanye Nezindlela Zokwenza 75
6.6 Ukuqalisa 75
6.7 Amakhophi 76

# 1 Isifinyezo Sokuqukethwe

## 1.1 Indikimba

1.1.1. UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika ubalula ukuthi zonke izakhamuzi kumele zithole izinsiza eziyisisekelo.

1.1.2. Izikhungo zikaHulumeni Zezokunakekelwa Komphakathi KwaZulu-Natali zidlala indima ebalulekile ukuze kube nobulungiswa emphakathini kanye nasekuhleleni kabusha izindawo zasemadolobheni nezasemakhaya.

1.1.3. Ukusimama ekuhlalisweni kwabantu ngeke kwenzeke ngaphandle kokuthi abantu bakwazi ukufinyelela ezikhungweni zikahulumeni ezanele nokungukuthi ukuhlinzekwa kwakho kwenziwa ngokwehlukana kwentuthuko yabantu, ubungako bomphakathi, amazinga okufuduka kwabantu kanye nokuhlukahluka kwezenhlalo nomnotho.

1.1.4. Ukusungulwa kwezigaba zezindawo zokuhlala kungasetshenziswa ukuze kugqugquzelwe ezokuhlela ngempumelelo, ukuhlinzekwa kanye nokuphathwa kwezikhungo zezenhlalakahle kube ngokufanele, ubungako besibalo sabantu / ukusatshalaliswa kanye nomsebenzi wendawo ngayinye ngokumayelana neqhaza laleyo ndawo esimweni sesifunda.

1.1.5. Iqhaza lezikhungo zezenhlalakahle yomphakathi ekubhekaneni nezidingo zomphakathi lihambisana nendlela engabizi kakhulu yokuhlinzeka futhi kube sendaweni efanele yalezo zikhungo ngokwendawo, ukufinyeleleka, ukuhlanganiswa kanye nobungako bezikhungo zomphakathi ezindawonye endaweni yokuhlala.

1.1.6. Ukuhlelwa kanye nokuhlinzekwa kwezikhungo zomphakathi kufanele kuhlanganiswe futhi kuhambisane nendawo ngokunjalo futhi kuhlanganiswe ngendlela engaguquki, ezinhlangothini zonke zikahulumeni ngokunjalo nakubathuthukisi bezindawo abazimele. Lokhu kufanele kuqinisekise ukuthi ziyafezeka izinhloso zenqubomgomo yezenhlalo-mnotho, kanye nokuthi uyakhula umthelela wokuhlinzekwa kwezikhungo zomphakathi.

1.1.7. Isahluko 11 soMthetho Wezokuhlela kanye Nokuthuthukisa, kowezi-2008 (uMthetho wesi-6 kowezi-2008) [PDA] sihlinzeka ngokuthi uNgqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisa kanye Nezindaba Zomdabu kumele ahlanganise Izinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza Kwezokuhlela kanye Nokuthuthukisa eSifundazweni.

1.1.8. Lezi zinkambiso kanye namaqophelo okusebenza kuhloswe ngazo ukucacisa ngezihlinzeko ezidingekayo zokuqinisekisa ukuhlelwa kahle, ngempumelelo, kanye nokusimamisa ukuhlelwa kwendawo ngokunjalo nokwenganyelwa kokusetshenziswa komhlaba okuhambisana nokuhlinzekwa kwezikhungo zomphakathi.

1.1.9. Lo mqulu wezinkambiso kanye namaqophelo okusebenza kuhloswe ngawo ukuba kuhlanganiswe ezokuhlela, ukuqondisa indawo, ukuhlinzekwa ngokulinganayo, amandla kanye nokuthuthukiswa kwezikhungo zomphakathi zalabo ababambe iqhaza ngokwahlukahlukene bese kuba ukuthi kusetshenziswa umhlahlandlela ofanayo, futhi kuhlalulwe kahle izibopho zeqhaza ngalinye elibanjiwe.

1.1.10. Uma kusetshenziswa lezi zinkambiso kanye namaqophelo, kuvumelekile ukwenza izinguquko ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi imigomo ye-SPLUMA ilandelwa ngokufanele. Lezi zinkambiso kanye namaqophelo akuvumeli nanoma yiliphi igunya ukuba lithobele imigomo ye-SPLUMA kumbe eminye imithetho eshayiwe.

1.1.11. Ukwakhiwa kwananoma yiziphi izakhiwo zomphakathi okungaba sendaweni yoMkhandlu Wezobuholi Bomdabu (kumbe efakwe ngaphansi kweNgonyama Trust) kufanele ukuba kulandele izinqubo ezengeziwe zezokuhlela ukuze lokho kwakhiwa kugunyazwe ngokwendlela okubekwe ngayo ngaphansi kwe-Trust, nangendlela okubekwe ngayo ngokwe-SPLUMA kanjalo nangaphansi kwe-KZN-PDA.

**1.2 Inhloso**

1.2.1. Inhloso yalezi zinkambiso kanye namaqophelo amaqondana nezokuhlela kanye nezentuthuko eSifundazweni ukunikeza umhlahlandlela mayelana nokuthathwa kwezinqumo zikamasipala ezimaqondana nokuhlinzekwa kwezikhungo zikahulumeni kanye nezezinkampani ezizimele maqondana nalokhu:
(a) izinhlelo zokusetshenziswa komhlaba;
(b) ukusetshenziswa, ukuthuthukiswa, ukuklanywa noma ukuhlanganiswa komhlaba ngokujwayelekile;
(c) izindlela ezithile zokusetshenziswa komhlaba, ukuthuthukiswa, ukuklanywa noma ukuhlanganiswa komhlaba;
(d) ukusetshenziswa komhlaba, ukuthuthukiswa, ukuklanywa noma ukuhlanganiswa komhlaba endaweni ethile eSifundazweni;
(e) ukuhlukaniswa izigaba noma ukuchithwa kokugunyazwa kokuhlelwa kwesakhiwo ngokujwayelekile kumbe ngaphansi kwezimo ezithile;
(f) ukuguqulwa, ukumiswa kumbe ukususwa kwemikhawulo emaqondana nomhlaba noma ngokungaphansi kwezimo ezithile; kanye
(g) nokuvalwa unomphela kwemigwaqo kamasipala ngokwejwayelekile kumbe izindawo zomphakathi noma ngaphansi kwezimo ezithile;
(h) ukuqinisekiswa kokuhlinzekwa ngokwanele kanye nangokulingana kwezikhungo zomphakathi nokufanele zihlinzekwe ngokwezidingo zabantu futhi kube yisilinganiso esifanele;
(i) ukubeka endaweni efanele kanye noma evunyelwe ukuba isetshenziswe ngokuqondene nezindawo ezizimele.

**1.3 Izikhungo Zomphakathi Eziqondene Nalokhu**

1.3.1. Lezi zinkambiso kanye namaqophelo kumayelana nezikhungo zomphakathi ngaphansi kwalezi zigaba ezikhethekile ezilandelayo:

a) Izikhungo Zezempilo,
b) Izikhungo Zezokuphepha kanye Nokuvikela,
c) Izikhungo Zezemfundo,
d) Imisebenzi kanye Nezikhungo Zokuthuthukisa Umphakathi,
e) Izindawo Zokusingatha Imicimbi Yomphakathi, kanye
f) Nezindawo Ezivulelekile Zomphakathi ngaphandle kwendawo evulelekile yezemvelo kanye nokulondolozwa kwayo.

**1.4 Uhlaka Lwezinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza**

1.4.1. Lezi zinkambiso zimelele izindlela zokuhleleka kwezindawo kanye nalokho okungaqondene nezindawo kepha okujwayelekile ngokunjalo nokubhekelela ukuziphatha kukahulumeni kanti amaqophelo okusebenza wona amelele izifiso kanye nokukhuthaza izinga lokusebenza aphinde aveze lokho okulindelekile komasipala kwezokuhlela kanye nokuthuthukisa izikhungo kanye nezindawo zomphakathi- kodwa lokhu akunakuphoqelelwa kumbe kudingeke ngokomyalelo womthetho.

1.4.2. Nakhu okubhekwayo maqondana nokuhleleka kwendawo ukuze kuhlonzwe amazinga okusebenza ekuhlinzekweni kwezinsiza zomphakathi:

a) Umkhawulo wesibalo sabantu (isibalo sabantu esidingekayo ukuze kusebenzeke),

b) Ukusetshenziswa Kwezindawo Ezihlinzeka Ngezinsiza,

c) Ukufinyelela ezindaweni ezisebangeni elithile,

d) Indawo Ehlanganise Izikhungo kanye Nokukleliswa Kwezikhungo Zokusebenza,

e) Ukuhlanganiswa Kwezikhungo, kanye

f) Amandla Okukhokha

1.4.3. Amaqophelo okusebenza yiwona adingekayo ekwenzeni isilinganiso sohlobo ngalunye lwezikhungo zomphakathi ezihlonziwe nokulindeleke ukuthi zonke izigaba zikahulumeni zilandele lokhu ukuze kutholakale lowo mphumela ofunekayo. Lolu hlobo lwamaqophelo okusebenza lumele izinga elilindelekile lokuhlinzeka ngezidingo, nolubonisa izinga lokusebenza elamukelekile ngokunjalo nalokho okuhlosiwe.

1.4.4. Amaqophelo okusebenza kwezokuhlela kanye nezentuthuko ngaphansi kwalezi zikhungo zomphakathi ezihlonziwe amaqondana namanani obuningi kulokhu:

a) Uhlobo lwesikhungo (indlela yokusebenza) kanye nezinga lokusebenza,

b) Isilinganiso sabantu ngokwesikhungo ngasinye sibhekwa ngokohlobo lwabantu abahlonziwe,

c) Ibanga elihanjwayo ukuze kutholakale usizo

d) Iqhaza lezemisebenzi yokuhlaliswa kwabantu kanye nezinga ngokunjalo nokuxhumana ne- South African Functional Town Typology yowezi-2018, kanye

e) Nezinhlaka okusetshenziswana nazo ezihlonziwe kanye/noma neSiphathimandla esibhekele Ezokukuhlela.

## 2 Izincazelo Zamagama

" **Isicelo** " lokhu kubandakanya nesiphakamiso sikamasipala.

" **Isicelo sokugunyazwa ngumasipala** " kusho -
(a) isicelo sokugunyazwa kweplani yesakhiwo; noma
(b) isicelo sokugunyazwa kwezokuhlela kumasipala.

" **Indlela yokuhlaliswa kwabantu**" kushiwo indlela ecacile nebonakala kalula yezinto ezenzeka ngokufanayo ezindaweni ezithile ngenxa yesimo sendawo okubandakanya ukuma kwamatshe/komhlaba, inhlabathi, izihlahla, ukusetshenziswa komhlaba, ukuma kwamahlanze ngokunjalo nendlela abantu abenza ngayo izinto/ indlela yokuhlala ekhombisa izinhlobo zezindlu, amandla okukhokhela izinto, indlela yokuphila, ukusetshenziswa kwezokuthutha kumbe intuthuko eyenzekayo.

"**I-PDA**" kushiwo uMthetho Wezokuhlela kanye Nezentuthuko KwaZulu-Natali, wezi-2008 (uMthetho uNo. 6 wezi-2008).

“**Ibanga lokufinyelela**” (ubude) kushiwo ibanga okulindeleke ukuba lihanjwe ngabathengi emgwaqeni noma abazimisele ukulihamba ukuze bathole izimpahla/izidingo zabo njengoba kwesinye isikhathi lezi zimpahla/izidingo ziyaye zimbe eqolo kumbe kube nokuphazamiseka okwenzekayo.

“**Indawo Enosizo**” kushiwo ibanga olihamba emgwaqeni uyothola usizo kumbe indawo enezikhungo zosizo kanti futhi lokhu kuhambisana nebanga abantu abazimisele ngokulihamba kumbe abangase balihambe ukuze bathole ukusizakala.

“**Isilinganiso Sabantu**” kushiwo inani (inani labantu kanye/noma inzuzo) edingekayo emakethe ukuze kuhlinzekwe ngempumelelo ngezinhlelo zokudayisa noma kuhlinzekwe kahle ngezimpahla kumbe izinsiza. Uma kuhlinzekwa ngezinsiza zamahhala zomphakathi, inani lokuhlinzeka ngeke lilinganiswe maqondana nenzuzo kumbe imali engenayo kodwa kuzobhekwa kakhulu indlela ekahle yokuhlinzeka ngezinsiza kube okungenani ukuhlinzeka inani elincane labantu abasendaweni ethile eqokiwe ukuze izindawo zosizo zisebenze kahle futhi nezinsiza zingambi eqolo.

# 3 Izinkambiso

## 3.1 Ubulungiswa kanye Nokulingana Kwezezindawo

3.1.1. Lapha kwaziswa ilungelo lazo zonke izakhamuzi lokuhlinzekwa ngezinsiza eziyisisekelo, nakuba kungenzeka ukuthi izinga lezinsiza lehluke ngokwehlukahlukana kwezindawo (ngenxa yokufinyeleleka, amazinga okusetshenziswa kwezinsiza, ubuningi bezinsiza ezitholakalayo, ukuminyana, nokunye).

3.1.2. Kuphinda futhi kwaziswe isilinganiso somnotho kanye nokungasebenzi kahle ekuhlinzekeni ngezinsiza ezindaweni ezikude kanti lokhu kungase kuholele ekutheni lehluke izinga lokuhlinzeka ngezinsiza kuzona zonke izindawo ezihlala abantu, nokungadala ukuthi kusetshenziswe olunye uhlobo lwezikhungo zokuhlinzeka ngezinsiza (isib. ukuhlinzekwa kwezinsiza ngezikhathi ezithile kanye nokusebenzisa omahambanendlwana ukuze kuhlinzekwe ngezinsiza ngesikhathi ezidingeka ngaso).

3.1.3. Ukuze kucutshungulwe kahle ukwehlukana kwezenhlalo-mnotho phakathi kwezindawo okubalwa kuzo izindawo zokuhlala ezisemadolobheni kanye nezasemakhaya, ukuhlinzekwa kwezinsiza zomphakathi kuzosuselwa emigomeni yezobulungiswa kanye nokulingana kwezezindawo. Lokhu kusho ukuthi uma umphakathi uhlala ezindaweni eziminyene/ezinabantu abaningi, imindeni ngaminye kufanele ithole izinsiza ezifanayo kungakhathalekile ukuthi umndeni uhola malini.

3.1.4. Ukuze kuqinisekiswe ubulungiswa kanye nokulingana kwezezindawo, kufanele izinsiza zomphakathi zihlelelwe kusenesikhathi kulezo zindawo ezizohlalisa abantu futhi lokhu kungagxili nje kuphela ekubhekaneni nokusilela kwezinsiza zangaleso sikhathi.

## 3.2 Inani Labantu kanye Nezindawo Zokusebenza

3.2.1. Ukuhlelwa kwezindawo zokusebenza kuhloswe ukuthi kwenzeke ngokubhekela ibanga elihanjwayo ukuze kutholakale izinsiza (kumbe i-NMT efinyelelekayo noma imizila yabahanba ngezinyawo). Umthamo wokuhlinzeka ngezinsiza kanye nokufinyeleleka akufanele kwenziwe ngokubheka imikhawulo yezokuphatha (isib. imingcele yamaWadi kumbe yezifunda) noma ukuthi sihamba sigcine kuphi kepha kufanele kubhekwe ukufinyeleleka okubandakanya nebanga, indlela yokuthumela lezo zinsiza kanye nokufinyelela kulezo zinsiza okukhulunywa ngazo.

3.2.2. Izikhungo zomphakathi ezisesigabeni esifanayo ngokubaluleka kanye nokulumbana ekuhlinzekeni ngezinsiza, ziphinde futhi zibe namaqophelo okusebenza afanayo ngokwemingcele nebanga lokufinyelela, kumele zibekwe zibe sendaweni efanayo ngokwedolobha/ngokokuklelisiwa kwezindawo zokuhlala futhi zibe sendaweni eseduze okuhambeka kalula uma uya kuzo ukuze abantu bekwazi ukuzisebenzisa.

3.2.3. Umthamo wokuhlinzeka ngezinsiza kufanele uhambisane nemininingwane yendawo kanye namazinga okufuduka kwabantu kuleyo ndawo okuhlinzekwa kuyo ngezinsiza kuphinde kubhekwe nokwehlukana kwenhlalo yasemadolobheni kanye neyasemakhaya njengoba lokhu kungaba nomthelela esimweni nezinga lezinsiza ezidingekayo.

## 3.3 Ukukleliswa Kwezikhungo Zokusebenzela

3.3.1. Ukuhlukaniswa kwezindawo zokuhlala ngokwesilinganiso sesifundazwe yikho okusikhombisa ngezinga lokuhlinzeka ngezikhungo ezifanele lolo hlobo lwendawo yokuhlalisa umphakathi. Kufanele kusetshenziswe imihlahlandlela yamaqophelo okusebenza eqondile futhi ibukwe ngeso lendawo.

3.3.2. Ukufinyeleleka okwamukelekile kwezinye izimo kubhekwa ngokohlelo lokudluliselana kusuka ezikhungweni ezisezingeni eliphansi nokuyilapho lezi zikhungo ziyingxenye yokukleliswa kwezikhungo zokusebenza (isib. ezempilo), kuya ezikhungweni ezisezingeni eliphezulu kuhambisana namabanga amukelekile okufinyelela.


3.3.3. Ukuhlonzwa ookukleliswa kwezinhlobo zamadolobha kanye nezikhungo zezinsiza kufanele kuye ngokwe-2018 SA Functional Town typology of settlements ( Maritz, J., van Huyssteen, E. Green, C. and Sogoni, Z. South African Functional Town Typology (CSIR) 2018 v2) etholakala ku- www/stepsa.orga.za) nokuyiyo ebheka inani labantu kanye nobungako bomnotho wendawo, ngokunjalo neqhaza lezomnotho wedolobha eliduze kwaleyo ndawo. Lokhu kukleliswa kwasungulwa kusetshenziswa indlela efanayo eSifundazweni sonkana (nasezweni lonke) futhi kwaziwa ngokuthi yi-South African Functional Town Typology yowezi-2018 njengoba kukhonjisiwe ngezansi. Kufanele futhi kubhekwe nombono we-NSDF osuselwe kwi-South African Functional Town Typology yowezi-2018, omaqondana nokukleliswa kwezindawo zokuhlala.

| Izigaba zama-Functional Town Typology | Incazelo Yohlobo / Izinhlobo Zendawo Yedolobha Esebenzayo, kuhlukaniswe ngokwemisebenzi yedolobha elakhele isifunda kanye nobungako bendawo yedolobha (inani labantu kanye nezomnotho). |
|---|---|
| Izifunda zedolobha | **Inani labantu :**> abantu abayisigidi (1 million)<br>**Isimo Sendawo:** Izindawo ezinkulu zasemadolobheni (izifunda ezisebenzayo)<br>**Umnotho :** Kwahlukahlukene, Umkhiqizo wezomnotho > ama-R40 816 mill/ngonyaka (2013)<br>**Izindawo:** eSifundeni Sedolobha iTheku |
| Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | **Inani labantu :** > abantu abangama-500 000 (amadolobha), >300 000 (amadolobha amakhulu kakhulu)<br>**Isimo Sendawo:** Izindawo zasemadolobheni eziminyene ezixhumene nezindawo zokuhlala<br>**Umnotho:** Yilokho okudingekayo kokusebenza. Umphumela wezomnotho >ama-R7 900mill/ngonyaka (2013) (Amadolobha); kanye >nama-R4 000mill/ngonyaka (2013)<br>**Amadolobha Ayizibonelo:** i-Buffalo City, iPolokwane, iMangaung<br>Izikhungo zesifunda ezinkulu kakhulu : i-Pietermartizburg, i-Richards Bay, i-Newcastle |
| Izikhungo Zesifunda Ezinkulu Kakhulu | **Inani labantu :** abantu abayizi-100 000-300 000<br>**Isimo Sendawo:** Indawo yesifunda exhumene nezindawo zokuhlala, **ezindaweni ezimaphkathi** Iqhaza elibalulekile lezemisebenzi yomphakathi kanye nezomnotho esifundeni.<br>**Umnotho:** Isamba somkhiqizo wezomnotho sikhomba ngaphezu kwama-R1400mill kowezi-2013<br>**Izibonelo:** i-Port Shepstone, i-Ladysmith, i-Stanger |
| Izikhungo Zesifunda | **Inani labantu :** <abantu abangama-100 000<br>**Isimo Sendawo:** Indawo yesifunda exhumene nezindawo zokuhlala**, ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe.** Iqhaza elibalulekile lezemisebenzi yomphakathi kanye nezomnotho endaweni **enabantu abambalwa.**<br>**Umnotho>** Isamba somkhiqizo wezomnotho sikhomba ngaphezu kwama-R1100mill kowezi-2013<br>**Izibonelo:** i-Vryheid, i-Escourt. |
| Amadolobha | **Inani labantu:** Ukwehlukahluka kwenani labantu lisukela ezinkulungwaneni eziyi-15 000 kuya kweziyi-100 000<br>**Umnotho Nezinsiza:** Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezomnotho kanye neyezenhlalo enzulu ezindaweni ezimaphakathi nesifundazwe**.** Isamba somphumela wezomnotho > ama-R270mill (2013) otholakala (engxenyeni yemiphumela yemisebenzi yezomnotho nokungama-R670mill/ngokwedolobha)<br>**Izibonelo:** Ulundi, KwaNongoma, Kokstad, Richmond. |
| Amadolobha Amancanyana | **Inani labantu:** Idolobha linabantu abangaphansi kwezi-20 000.<br>**Isimo Sendawo:** Amadolobhana amancane azimele, ngokuvamile anezindawo zesikhathi sobandlululo ezinamadolobha aphakathi nendawo<br>**Iqhaza Lezinsiza Zendawo:** Ukudlala indima ebalulekile njengendawo yezemisebenzi, ukusebenzela abantu abaningi endaweni esebangeni elingama-30km ukusuka edolobheni ezindaweni eziminyene kanye nezisebangeni elingama-50km ukusuka edolobheni ezindaweni eziqhelelene.<br>**Umnotho:** Izinsiza zikahulumeni kanye nezomphakathi yizona ezibalulekile emnothweni wendawo.<br>**Izibonelo:** eNkandla, e-Melmoth, e-Bulwer. |
| Izindawo Zasemakhaya- | **Inani labantu:** Kuyahlukahluka ngokwezindawo zokuhlala, inani labantu abaningi ezindaweni ezimaphakathi nezwe.<br>**Isimo Sendawo:** Izindawo ezisaqalwa ezihlangene nezindawo zokuhlala eziminyene ezisemakhaya<br>**Indima Yezinsiza Zendawo:** Zenziwele ukudlala indima ebalulekile njengendawo yezemisebenzi, ukusebenzela abantu abaningi endaweni esebangeni elingama-30km ukusuka |

| | |
|---|---|
| | edolobheni ezindaweni eziminyene kanye nezisebangeni elingama-50km ukusuka edolobheni ezindaweni eziqhelelene. Izibonelo: eJozini, e-Highflats |
| **Amadolobha Amancane** | **Inani labantu:** Idolobha linabantu abangaphansi kwama-20 000.<br>**Isimo Sendawo:** Amadolobhana amancane azimele, ngokuvamile anezindawo zesikhathi sobandlululo ezinamadolobha ngamabili aphakathi nendawo engxenyeni engasentshonalanga neNingizimu Afrika.<br>**Umnotho Nezinsiza:** Isikhathi esiningi lapho kusetshenzelwa abantu bendawo kanye/noma kwenziwe imisebenzi yezomnotho efana nezimayini, ezokuvakasha noma ezokudoba. Izibonelo: e-Pomeroy, e-Donny Brook. |
| **Izindawo Zasemakhaya Namadolobha Amancane** | Le ndawo ihlanganisa kokubili (i) Indawo yokuhlala yasemakhaya ehlelekile - okuyi-EA and Settlements Footprints nethathwa njengesemthethweni kanye (ii) neNdawo Yokuhlala Emakhaya engaphansi koBuholi Bomdabu okuyi-EA and Settlements Footprints nethathwa njengendawo yasemekhaya. Zombili lezi zindawo zinemisebenzi emincane yezomnotho ohlelekile.<br>Ezindaweni zalolu hlobo, kuba neMisebenzi Eyenziwa Emakhaya kanye nezindawo zokuhlala ezincane ezinabantu abambalwa ngokunjalo nomnotho wakhona oba yingxenye yamadolobha aseNingizimu Afrika angahlonzwa ukuze kutholakale izinsiza zomphakathi ngokususela kumanani abantu kanye nezimo ezikhona.<br>Lezi zindawo kuzocaciswa ngazo ngokuhlukile uma sekubuyekezwa i-typology elandelayo. |
| **Izindawo Zasemakhaya Ezinabantu Abambalwa** | Izindawo ezigqagqene (izindawo ze-mesozone ezingenazo izindawo zokuhlala zasemakhaya) i-Sparse East (inabantu abangaphezu kwabayi-10 isikwele ngasinye ngokwama-km) bese kuthi kuma-Sparse West kuchazwa njengendawo enabantu abangaphansi kwabayi-10 ngesikwele ngasinye ngokwama-km futhi lapha kuba nomthelela ebangeni olihambayo ukuze ufinyelele ezinsizeni kanye nomkhawulo wezinsiza ezithile. |

**Umthombo:** Maritz, J., van Huyssteen, E. Green, C. no-Sogoni, Z. South African Functional Town Typology (CSIR 2018 v2). Kutholakala ku- www/stepsa.orga.za.

3.4.4. Uhla lwawo wonke amadolobha amakhulu, amadolobhana amancane, izikhungo zokusebenzela kanye nezinye izindawo zokuhlala kukleliswe ngaphansi kwesithasiselo A futhi kwehlukaniswe ngokohlobo ngalunye. Lawa mathebula acacisa ngemininingwane yezilinganiso zabantu endaweni ngayinye. Ngaphezu kwalokho, lawa mathebula aphinda futhi ahlinzeke ngenkomba yokukleliswa kwezindawo ezihlonzwe ngokumaqondana ne-NSDF ukuze kufezeke leyo ndima edlalwa ngama-Urban Cores, ama-Regional Anchors kanye nama-Rural Service Centres maqondana nombono we-NSDF wezentuthuko.




Umfanekiso 1: Ukuhlinzekwa Kwezikhungo Zomphakathi Ezindaweni Ezahlukene Zokuhlaliswa Kwabantu eNingizimu Afrika.1

**Kucashunwe ku:** Chéri Green, Zukisa Sogoni, Valentine(Matsubu) Ragoasha. kowezi-2018. Ukuhlinzekwa Kwezinsiza Zomphakathi Ezimqoka Ezindaweni Zokuhlalisa Abantu eNingizimu Afrika. umbhalo we-CSIR. Etholakala ngaphansi kwe-stepsa.org

### 3.4 Ukufinyeleleka

3.4.1. Izikhungo zomphakathi kufanele zibe seduze kwabahlali/kwabantu abazisebenzisayo ngokuhambisana nezinkambiso kanye namaqophelo okusebenza, kodwa lokhu kufanele kwenzeke ngokugwema ukusabalala kwezikhungo ezincane kuzona zonke izigceme (ube ungekho nomsebenzi omningi eziwenzayo). Kufanele kube kuncane ukwedluliselwa kwabantu kwezinye izikhungo futhi kube wukuthi ibanga abalihambayo alisedluli isilinganiso esibekiwe.

3.4.2. Izikhungo okungezendawo (isib. ezisetshenziswa kakhulu yiningi labantu), ziba kude buduze futhi kufanele zibekwe eduze nalabo bantu abazisebenzisayo ukuze libe lifishane ibanga elihanjwayo uma kuyiwa ezikhungweni futhi kungabi yizindleko ukusebenzisa lezi zikhungo. Kodwa-ke, kufanele kugcinwe isilinganiso esifanele maqondana nebanga lokungena (indawo yokusebenzela), ukuminyana kwabantu, umthamo wokusebenza kwesikhungo kanye nezilinganiso zabantu.

3.4.3. Ukuze kube ncono indlela yokufinyelela ezikhungweni kweningi labasebenzisa izithuthi zomphakathi (iningi), izikhungo zomphakathi kufanele zibekwe ngokususela ezinhlelweni zezokuthuthwa komphakathi (noma okunye kokunye) kusetshenziswe uhlelo lwangaphakathi endaweni yomphakathi.

3.4.4. Izikhungo zesigaba/abantu ababodwa kufanele zibekwe ngandawonye ngokuleyo ndawo enezakhiwo zasedolobheni futhi lokhu kwenziwe kuhambisane nokukleliswa/nezigaba zalezo zikhungo. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi emadolobheni amakhulu ukukleliswa kwezikhungo kumbe izinhlaka zomphakathi zikwazi ukubonakala kalula futhi zibe ngandawonye nalapho kuqhutshwa khona ezomnotho kanye nezinto zokuthutha/ izimboni ezizimele uma kungenzeka.

3.4.5. Ukufinyelela ezikhungweni zesifunda kanye nezizinda zezikhungo kumele kubhekwe nangokucabangela leyo ngxenye engakwazi ukuzenzela okungaba yizingane, abantu abadala kanye nabakhubazekile, futhi wonke umuntu akwazi ukufinyelela kulezi zikhungo.

### 3.5 Ukuhlanganiswa Kwezikhungo

3.5.1. Ukuze kwesekwe ezokuthuthukiswa kanye nokukhula komnotho, ukuhlelwa kahle kwendawo yezokutshalwa kwezimali, ukuqinisekisa ukuthi kuyafinyeleleka ezintweni zokusebenza kanye nokwakha indlela esebenza kahle yokusabalalisa izinsiza zomphakathi ezahlukene, kubalulekile ukuthi izikhungo zihlanganiswe endaweni emaphakathi kuye ngokuhlukana kwezigaba (esigabeni sesifundazwe kanye nasezigabeni zamadolobha). Lokhu kufanele kulandele imigomo yokuhlelwa kokwakhiwa kwezindawo zikahulumeni ezididiyele nokuyilapho izinsiza zihlanganiswe khona ngokususela ekuqhelelaneni kwezindawo, ukudidiyeleka kwezinsiza kumbe zibe sesakhiweni esisodwa. Ngakho-ke, ukuhlanganiswa kwezikhungo kuqondiswe ekuhlanganisweni kwezikhungo zikahulumeni okungasho nje ukusondelana kwazo, kodwa kushiwo ngokuphathelene nendawo kanye nezinto zokuthutha ezikhona (noma ezihleliwe) ngokunjalo nezohwebo nokuyilapho kulindeleke ukuba kuhlanganyele khona abantu abaningi.

3.5.2. Ukuhlanganiswa kwengqalasizinda yemisebenzi kahulumeni, ukuthuthukiswa kwezindawo zokuhlala, kanye nokuminyana kwezindawo zokuhlala kuyizinto ezixhumene kakhulu. Lezi zinhlelo-ke kuhloswe ngazo ukuhlinzeka ngezinsiza ezingambi eqolo futhi nomphakathi ukwazi ukufinyelela kuzo kalula, ukuba nezinhlaka kanye nezinhlobo zamadolobha aphucuzekile, ngokunjalo nokusimamisa izindawo zokuhlala.

3.5.3. Ukuhlanganiswa kwezikhungo kumele kuhambisane nokusetshenziswa kwazo, izidingo zabazisebenzisayo/ukukhethwa kanye nokukleliswa kwazo, ngokunjalo nesilinganiso sezikhungo ngokwendawo ehlala abantu. Leli thebula elingezansi lihlinzeka kafushane ngezikhungo ezihambisanayo ezingabekwa ndawonye kumbe zabelane ngesakhiwo:

*Ukuhleleka Ngokwezikhungo Ezingahlangana Ndawonye*

| Compatible facilities | Library | Primary school | Secondary school | Tertiary education/ trade schools | Community hall | Indoor sports hall | Sports stadium | Local sports field incl. multi-purpose outdoor courts | Parks: Neighbourhood | Parks: District | Parks: Regional | Swimming pool | Urban agriculture | Cemetery/ crematorium | Primary health care centre | L1 Hospital | Police station | Fire station | Worship centre | Nature conservation area |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Library | | • | • | • | • | | | | • | | | | | | • | | | | • | |
| Primary school | • | | • | | • | | | • | • | • | | • | • | | • | | | | • | |
| Secondary school | • | • | | • | • | | • | • | | • | • | • | • | | • | | | | • | |
| Tertiary education/ trade schools | • | | • | | • | • | • | • | | • | • | • | • | | • | | | | | |
| Community hall | • | • | • | • | | • | • | • | • | • | • | • | • | | • | | | • | • | |
| Indoor sports hall | | | | • | • | | • | • | | • | • | • | | | • | | | | | |
| Sports stadium | | | • | • | • | • | | • | | • | • | • | | | | | | | | |
| Local sports field including multi-purpose outdoor courts | | • | • | • | • | • | • | | • | • | • | • | | | | | | | | |
| Parks: Neighbourhood | • | • | | | • | | | • | | • | • | | • | | • | | | • | • | • |
| Parks: District | | • | • | • | • | • | • | • | • | | | • | • | | • | | | • | | • |
| Parks: Regional | | | • | • | • | • | • | • | • | | | • | • | | | | | • | | • |
| Swimming pool (25-50m) | | • | • | • | • | • | • | • | | • | • | | | | | | | • | | |
| Urban agriculture | | • | • | • | • | | | | • | • | • | | | | • | | | | | • |
| Cemetery / Crematorium | | | | | | | | | | | | | | | | • | • | • | | • |
| Primary health care centre | • | • | • | • | • | • | | | • | • | | | • | | | • | | | | |
| L1 Hospital | | | | | | | | | | | | | | • | • | | | • | | |
| Police station | | | | | | | | | | | | | | • | | | | • | | |
| Fire station | | | | | • | | | | • | • | • | • | | • | | • | • | | | |
| Worship centre | • | • | • | | • | | | | • | | | | | | | | | | | |
| Nature conservation area | | | | | | | | | • | • | • | | • | • | | | | | | |

CSIR/BE/PSS/ER/2011/0037/B/3

3.5.4. Nazi izinhloso zokuhlanganiswa kwezikhungo zomphakathi:

a) Ukunciphisa izinkambo zokuhambela izikhungo ezindaweni ezahlukene;

b) Ukweseka ukusebenza kahle kwezinsiza zokuthutha umphakathi;

c) Ukwakha izindawo eziyisizinda zezentuthuko endaweni ehlala abantu ukuze kwesekwe ukwakhiwa kwendawo eyisizinda emadolobheni kumbe ezindaweni ezakhele indawo ukuze indawo yokuhlala ibe ngefanelekile;

d) Ukwakha izindawo eziyisizinda ukuze kulethwe intuthuko kanye nokuhlinzeka ngengqalasizinda (isib. amanzi, ukuthuthwa kwendle, ugesi, imigwaqo, izithuthi zomphakathi kanye nobuchwepheshe bezokuxhumana);

e) Ukonga ezintweni zokusebenza ngenxa yokwabelana ngezinsiza ezithile zomphakathi ezifana nokuhlinzekwa kwezinsiza ngobuningi bazo, indawo yokupaka, ezokuphepha, izindawo zangasese, izinsiza zezobuchwepheshe bokuxhumana, izindawo zokulinda, amagumbi okuhlanganyela, amahholo, ezokuphepha kanye nokwamukela izivakashi.

f) Ukukhuthaza ukusetshenziswa kahle kwendawo ekhona kanye nokukwazi ukwabelana ngezinsiza ezifana nezindawo zokupaka, amagumbi okuhlanganyela, amahholo, izindawo zangasese, ezokuvikela kanye nezindawo zokwamukela izivakashi;

g) Ukukhuthaza ukuba kugxilwe ezindaweni zokuhlala uma kwakhiwa izindawo zokusebenzela ukuze kubhekelelwe ukuminyana kwezindawo zokuhlala kanjalo nokuletha intuthuko kanye nokuba semthethweni kwalezi zindawo; kanye

h) Nokukhuthaza imisebenzi yezomnotho ngokusebenzisa izinga eliphezulu lokudingeka kwezinsiza endaweni.

### 3.6 Amandla Okukhokha

3.6.1. Okokuqala nje, amandla okukhokha ahambisana nokuba khona kwezinsiza kanye nesabelomali somhlinzeki womsebenzi, bese kuthi okwesibili kube yinani labantu abasedolobheni/indawo yokuhlala enomthelela ekunciphiseni / ukulawula izindleko zokusebenza kanye nokugcinwa kahle kwezinga lesikhungo noma lwezinsiza ezihlinzekwayo.

3.6.2. Ukusungulwa kwezinkambiso akusho ukuphazanyiswa kwananoma yiluphi uphiko lukahulumeni ekutheni luhlinzeke ngemisebenzi yalo kepha kunalokho kuveza ukuthi iyiphi indlela yokuhlinzeka okufanele isetshenziswe uma kuhlonzwe isidingo sezinsiza ezithile, futhi kungukuthi kunesiphathimandla esigunyaziwe esikwaziyo ukuhlinzeka ngalezo zinsiza kuphinde futhi nalokho okudingekayo kukwazi ukuthi kwenzeke ngesabelomali esikhona.

3.6.3. Ukuhlelwa kanye nokuhlinzekwa kwendawo, uhlobo lwendawo ngokunjalo nokukleliswa kwezikhungo zomphakathi kufanele kuthathelwe esabelwenimali esikhulu, kanye nasezindlekweni zemisebenzi yesikhathi eside ukuze abahlinzeki bezikhungo bakwazi ukuqinisekisa ukusimama kwalezi zikhungo. Uma isikhungo singasetshenziswa kahle, kungenzeka leso sikhungo sigcine sonakala/ silimala futhi sigcine ngokuvalwa unomphela ngoba lokhu kobe kusho ukuthi leso sikhungo asibasebenzeli abantu abasakhele futhi angeke sithathwe njengesibalulekile ukuthi silungiswe.

# 4 Incazelo kanye Nemibandela Yesikhungo

## 4.1 Izikhungo Zezempilo

### 4.1.1. Isibhedlela Sesifunda (L2)

**INCAZELO**

Isibhedlela Sesifunda samukela iziguli ezedlulisiwe siphinde futhi sihlinzeke ngosizo olukhethekile esibhedlela sendawo. Ngaphezu kwezindawo zokuxilonga nokuhlinza iziguli, lesi sibhedlela siphinda sihlinzeke ngosizo olukhethekile kanye nezinsiza zokuxilonga kwe-radiology kanye ne-anaesthetic (isib. Isibhedlela i-Prince Mshiyeni Memorial).

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|
| **Isibhedlela Sesifunda L2** | 200 000 | 1 770 000 | 200 km | Indawo cishe ingamahektha ayi-7 (ngokokusikwa kwayo) isibhedlela esinemibhede engama-300 |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Isibhedlela Sesifunda L2** | ✓ Kungaba ngaphezu kwesisodwa (1) esifundeni sedolobha ngasinye | ✓ Kungaba ngaphezu kwesisodwa (1) esifundeni sedolobha ngasinye | ✓ | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

Isilinganiso sesifunda – ukuhlela kufanele kube ngendlela ezokweseka ukuhlinzekwa kwemisebenzi ekleliswe ngaphansi koMnyango Wezempilo Kuzwelonke.

## 4.1.2 Isibhedlela Sendawo (L1)

**INCAZELO**

Lapha kuhlinzekwa ngemisebenzi emaqondana neziguli ezilaliswayo kanye nezigulela ngaphandle ngokunjalo negumbi lokuhlinzwa kweziguli; kwamukelwa iziguli ezedlulisiwe kuphinde kuhlinzekwe ngosizo lwezempilo olujwayelekile lwasemtholampilo kanye nasezikhungweni zomphakathi zezempilo (isib. Isibhedlela Osindisweni).

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|
| **Isibhedlela Esijwayelekile (Isibhedlela Sendawo L1)** | 150 000 | 900 000 | 30 km | Isiza esingafinyelela kumahektha amahlanu (5) -kuya ngomdwebo |
| | | | | |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Isibhedlela Esijwayelekile (Isibhedlela Sendawo L1)** | ✓ | ✓ | ✓ | Isibhedlela esincane esiqhele ngama-30km ukusuka ku-L1 | Lapha kuba nomtholampilo osebenza amahora angama-24 futhi unendawo yokubelethela uma ukufinyelela esibhedlela esingu-L1 kuyibanga elingaphezu kwama-30km | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali

## IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO

Ukuhlinzeka ngomsebenzi esigabeni sendawo - ukuhlela kufanele kube ngendlela ehambisana nama-SDF kanye nama-IDP kaMasipala Wesifunda, Uhlelo Lwezempilo Lwesifundazwe/ Lwendawo, Uhlelo Lokuthuthukiswa Kwesifunda (ama-DDM), kumbe kube ngokoHlaka Lwezokuthuthukiswa Kwezindawo eSifundazweni.

**IZINCOMO – UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Uhlobo lwesibhedlela i-L1 singahlanganiswa nalezi zikhungo:
   - Isikhungo sezempilo esihlinzeka ngosizo oluyisisekelo

b) Uhlobo lwesibhedlela i-L1 akufanele singahlanganiswe nalezi zikhungo:
   - Izikole
   - Amangcwaba
   - Indawo yokulothisa izidumbu

### 4.1.3. Izikhungo Zomphakathi Zezempilo

**INCAZELO**

Lapha kuhlinzekwa ngemisebenzi eminingi yezempilo eyisisekelo ebandakanya imibhede yokuxilongwa, ukunakekelwa kwabalimele kanye nezezimo eziphuthumayo, izinsiza zokubelethisa kodwa lapha akubaliwe ukuhlinzwa ngaphansi kwe - *anaesthesia* eyejwayelekile.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Izikhungo Zomphakathi Zezempilo** | imibhede eyisi-8; Izindawo eziyi-17 zokwamukela iziguli kanye namagumbi amane (4) okubelethisa; lapha futhi kungaba nama-x-ray, amalabhorethri, ne-physiotherapy. Lesi sikhungo singasetshenziswa futhi esikhundleni se-L1, uma kusendaweni engenawo umphakathi omningi. Bheka ngenhla | 60 000 | 149 999 | 10 km | okungenani kungaba ngama-1.5ha |
| **Izikhungo Zomphakathi Zezempilo Ezisebenza Emini** | Izindawo eziyi-17 zokwamukela iziguli kanye namagumbi amane (4) okubelethisa; lapha futhi kungaba nama-x-ray, amalabhorethri, ne-physiotherapy. Lesi sikhungo singasetshenziswa futhi esikhundleni se-L1, uma kusendaweni engenawo umphakathi omningi futhi nendawo yanele. | 40 000 | 100 000 | 10 km | okungenani kungaba ngama-1.5ha |

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izikhungo Zomphakathi Zezempilo** | ✓ | • | • | • | • | | |
| **Izikhungo Zomphakathi Zezempilo** | Zisebenza zibe ngama-CHC uma kunesidingo | | | | | | |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali.

**IZINTO EZIDINGEKAYO**

Ukwengezwa kwendawo yoMtholampilo wama-ARV. Emadolobheni amakhulu kanye namancane, kungenzeka ukuthi Isikhungo Somphakathi Sezempilo esisodwa sibe Nemitholampilo Ehlinzeka Ngosizo Oluyisisekelo eyisishagalombili engaphansi kwaso.

**4.1.4. Imitholampilo Ehlinzeka Ngosizo Oluyisisekelo**

**INCAZELO**

Lesi yisikhungo esisebenza ngokugcwele esinezinsiza ezifanele lapho kuhlinzekwa khona ngezinsiza zokunakekelwa kwezempilo okunhlobonhlobo (lapha kungabuye kusetshenziswe nemitholampilo engomahambanendlwana ezindaweni ezinabantu abangaphansi kwezi-5 000. Indawo/umhlaba odingekayo uya ngokwesimo sendawo, ngaleso sizathu-ke akudingidiwe lapha.)

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Imitholampilo Emikhulu** | Izindawo eziyisi-9 zokwamukela iziguli kanye namagumbi amabili (2) okubelethisa; le ndawo ingasebenza amahora angama-24 (ibe nemibhede emithathu (3) nama-x-ray, amalabhorethri, ne-physiotherapy. | 40 000 | 59 999 | 10 km | 1.0 Ha |
| **Imitholampilo Ejwayelekile** | Izindawo ezinhlanu (5) zokwamukela iziguli kanye negumbi elilodwa (1) lokubelethisa. | 20 000 | 39 999 | 5 km | 0.5 Ha |
| **Imitholampilo Emincane** | Izindawo ezi-3 zokwamukela iziguli kanye negumbi elilodwa (1) lokubelethisa. | 10 000 | 19 999 | 5 km | 0.3 Ha |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **Imitholampilo Eyisisekelo** | Izindawo ezi-2 zokwamukela iziguli. | 5 000 | 9 999 | 5 km | 0.2 Ha |
| **Imitholampilo Engomahambanendlwana** | Kusetshenzwa ngezikhathi ezithile ngokulingana nenani labantu (isib. usuku olulodwa (1) ngesonto kusizakala abantu abayi-1 000;<br>Indawo/igumbi elilodwa (1) lokwamukela iziguli. | 1 000 | 4 000 | 5 km | AKUKHO |
| **Ithimba Lezempilo Elihambela Imiphakathi (laba basebenza ezindaweni okunzima ukufinyelela kuzo kanye nemiphakathi/namakhaya esengcupheni yokugula).** | Lapha kuhlinzekwa ngokwezidingo zendawo; ithimba liba nabasebenzi bezempilo abayisi-6, umhlengikazi oqeqeshiwe kanye nabanye (umsebenzi ngamunye cishe usiza abantu abayi-1 050); | 1 000 | Abantu abayizi-7 660 ethimbeni ngalinye | AKUKHO | AKUKHO |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Imibandela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Imitholampilo Emikhulu** | **Ngaphezu kokukodwa (1)** | **Ngaphezu kokukodwa (1)** | **Ngaphezu kokukodwa (1)** | **√** | √ | | |
| **Imitholampilo Ejwayelekile** | | | uma umtholampilo omkhulu usindelwa | uma umtholampilo omkhulu usindelwa | **√** | | |
| **Imitholampilo Emincane** | | | | | | **√** | **√** |
| **Imitholampilo Eyisisekelo** | | | | | | | uma ungekho umtholampilo ojwayelekile ongasekelwa |
| **Imitholampilo Engomahambanendlwana** | uma lungekho olunye uhlobo losizo olungahlinzekwa ebangeni elingama-5 km. Ukusetshenziswa kwezinsiza ezingomahambanendlwana kunomkhawulo ngenxa yezindleko kanye nesilinganiso sezinsiza ezihlinzekwayo | | | | | | |
| **Ithimba Lezempilo Elihambela Umphakathi** | Laba basebenza nanoma yikuphi kuye ngokwesimo kodwa ngokuvamile kuba sezindaweni ezikude uma zingekho ezinye izinhlobo zezinsiza ezihlinzekwayo. | | | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali

**IZINTO EZIDINGEKAYO**

Lapha kufanele kuhlinzekwe ngazo zonke izinsiza ezidingekayo noma kuhlinzekwe ngamanzi amathangi kanye nogesi welanga ngokunjalo nokuthuthwa kwendle

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

a) Uhulumeni uhlinzeke ngemitholampilo ikakhulu ebhekelela abantu abangenazibonelelo (abangenabo ubulungu bezosizo lwezempilo kumbe umshwalense wezempilo), ngaleyo ndlela izinga lezenhlalo-mnotho yendawo kanye nomlando othinta izifo kuba nomthelela edingekeni kwezempilo futhi kungaba nomthelela esilinganisweni somtholampilo. Ngokuvamile lokhu kuhlinzekwa ezindaweni zabahola kancane nokuyilapho kunabantu abaningi abangenazibonelelo. Labo bantu abahola kakhulu noma labo abanomshuwalense wezempilo, bayaye basebenzise odokotela abazimele nabo abahlinzeka ngosizo olufanayo nolomtholampilo.

b) Ezindaweni zamadolobha amakhulu anesiminyaminya sabantu kuhlinzekwa ngemitholampilo emikhulu enganakekela abantu abayizi-100 000 noma ngaphezulu. Ubungako besiza kanye nomthamo womdwebo waso kufanele kwenziwe kuhambisane ngokufanele.

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Isikhungo zezempilo esihlinzeka ngosizo oluyisisekelo singahlanganiswa nalezi zikhungo:
   - Umtapo wolwazi;
   - Isikole samabanga aphansi;
   - Isikole samabanga aphezulu;
   - izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
   - ihholo lomphakathi;
   - ihholo lezemidlalo yasendlini;
   - amapaki akuleyo ndawo kanye nawesifunda;
   - ezolimo zasemadolobheni; kanye
   - Nesibhedlela i-L1.

b) Isikhungo zezempilo esihlinzeka ngosizo oluyisisekelo akufanele sihlanganiswe nalezi zindawo:
   - Izindawo zokulahla imfucuza

## 4.2 Izikhungo Zezokuphepha kanye Nokuvikela

### 4.2.1 Iziteshi Zamaphoyisa

**INCAZELO**

Isakhiwo okusebenzela kuso amaphoyisa kanye nabanye abasebenzi be-SAPS ngokunjalo namaphoyisa kaMasipala Omkhulu. Ngokujwayelekile lapha kuba namahhovisi, izitokisi zesikhashana kanye namagumbi emibuzongxoxo, kungaphinda futhi kube nezindawo ezihlala abasebenzi.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bensiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Iziteshi Zamaphoyisa** | Amanani ayizinkomba kuphela -Kuya ngokophenyo lomkhakha othile isib. amazinga obugebengu. | 10 000 | (Ibanga elihanjwayo kanye namazinga obugebengu kuba yizinto ezimqoka) | Emadolobheni ngama-8km Emakhaya ngama-24km | 0.1ha – 1ha |
| **Indawo yabakwa-SAPS/ihhovisi elincane** | Le ndawo ingahlinzekwa uma ucwaningo luveza lokho; kubonakala isidingo nanoma esinye isiteshi samaphoyisa siqhele ngama >24km | AKUKHO | AKUKHO | AKUKHO | AKUKHO |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Iziteshi Zamaphoyisa** | Kuya ngobungako bendawo ebese kuba yisiteshi esisodwa (1) edolobheni ngalinye ngokususela enanini labantu. Kuya ngesimo | | | | | | |
| **Indawo yabakwa-SAPS/ihhovisi elincane** | Kuya ngokwesidingo uma indawo iqhele ngokungaphezu kwama-24km ukusuka esiteshini. Kuncike kakhulu ekubonakaleni kwesidingo kanye nasezibalweni zobugebengu | | | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UPhiko Lwezamaphoyisa eNingizimu Afrika

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

Ukuze kube ngcono ukusebenza kwamaphoyisa ngokunjalo nesikhathi aphendula ngaso, kufanele kube ukuthi kuba nesiteshi esisodwa esibhekele abantu abayizi-30 000- 60 000. Izilinganiso zamanje zicishe zihambisane no-1:60 000 owahlongozwa ngo-Behrens no-Watson kanye nabanye (kowe-1996). Izinkambiso zamanje zibonisa ukwehluka okukhulu maqondana nokuthi ibanga yilo elibalulekile ngokunjalo nobungako besiteshi kanye nokulinganiswa

kwabasebenzi bahambisane nobunjalo bendawo. Ukujutshwa kwabasebenzi kufanele kwandiswe njengoba sezikhona nezinsiza kumbe kulinganiswe namazinga obugebengu.

**IZIMO ZENDAWO**

Umphakathi kufanele ufinyelele kalula ezindaweni zosizo. Indawo yosizo uma iqhele ngama-24km emphakathini, kumele kusungulwe Indawo Yokuxhumana nabe-SAPS; nakuba le ndawo isetshenziselwa ukubika ubugebengu kuphela futhi inezinsiza ezilinganisiwe.

Ezindaweni zasemakhaya, izindawo zokuhlala eziningi ziqhelelene neziteshi zaphoyisa ngokungaphezu kwama-24km, kodwa ngenxa yezinga eliphansi lezigameko zobugebengu asikho kangako isidingo kuvalwe lesi sikhala. Kufanele kwenziwe ucwaningo ngaphambi kokusungulwa kweziteshi.

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Isiteshi samaphoyisa singahlanganiswa nalezi zikhungo:
   - Amangcwaba;
   - Iziteshi Zezicishamlilo; kanye
   - Nomtholampilo kumbe isibhedlela

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI**


- Behrens, R. & Watson, V. 1996. Making urban places: Principles and guidelines for layout planning. Cape Town: UCT Press.
- Green, CA. & Argue, TC. 2012. CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-560 (Reprinted 2015)
- Green, Chéri. & Argue, Tansy. 2011. Summary Guidelines and Standards for the Planning of eThekwini Social Facilities and Open Spaces. Document reference number: SIR/BE/PSS/ER/2011/0037/B/3 (Version 3.2) September 2011 (Reprinted May 2016)


## 4.2.2 Iziteshi Zezicishamlilo

**INCAZELO**

Isakhiwo kanye/noma igceke lokugcina izinsiza zokusebenza ekucishweni kwemililo (izimoto nezinye izinsiza zokusebenza), nokuyilapho abacishimlilo besebenzela khona ngokunjalo nezindawo zokulala ezimbalwa kanye nezindawo zokusebenza njengamagumbi okuhlangana, ishabhu, izindawo zokuqeqeshela, indawo yokuzivocavoca, nokunye.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Isilinganiso Sesikhathi Sokuphendula ngokwe-SANS10090 | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Iziteshi Zezicishamlilo** | Kuyinto ebaluleke kakhulu ukukwazi ukufinyelela esiteshini nasendaweni | 60 000 | 100 000 | Izikhathi zokuphendula zincike | Isiteshi esingama-0.3ha |

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Isilinganiso Sesikhathi Sokuphendula ngokwe-SANS10090 | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| | yezokucishwa komlilo. Izinga lentuthuko kanye nohlobo lwezimboni/lwezinhlaka zezohwebo ezikhona endaweni kunomthelela omkhulu ekuhlinzekweni kwezinsiza. Kunconywa ukuthi kusungulwe Ibalazwe Lokuqapha Izingozi Zomlilo. | | | ekuhlukanisweni kwezimo zobungozi ekusetshenzisweni komhlaba nokuyikho okubhekwa kakhulu uma kubekwa iziteshi zokucishwa komlilo. Bheka Ithebula elingezansi | edolobheni elincane kanye nesingama-1.2ha enhloko-hhovisi-yesifunda. |
| **Amathimba Adidiyele Amavolontiya Ezimo Eziphuthumayo** | Lokhu kungumsebenzi kaMasipala Wendawo. Uma zingekho izinsiza ezisemthethweni ezihlinzekwayo, kumele kusetshenziswe amavolontiya ngokulawulwa ngabaphathi bamasipala wendawo ngokuqonda umsebenzi; ezindaweni ezingaminyana kakhulu kuyaye kwehluke ukuhlinzekwa kwezinsiza zokucisha umlilo kunalezo zindawo ezinabantu abaningi kakhulu. Isibonelo nje, ukuhlinzeka ngamaveni anamaphampu kanye namavolontiya etoho esikhundleni seziteshi zezicishamlilo, kanye nokubheka izimo endaweni ethile engenakho ukuminyana okukhulu nokuyikho okulawula ukuhlinzekwa kwezinsiza hhayi izinhlelo ezibekiwe. | | | | |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

Izikhungo kufanele zibe sendaweni okuzofinyeleleka kuyo futhi kuphendulwe ngesikhathi ngokokuhlukana kwezindawo njengoba kukhonjisiwe ngezansi. Isikhathi sokuphendula esikhonjiswe ngezansi sibandakanya isikhathi sokuhlaba umkhosi esiyimizuzu emithathu (3) kanye nesikhathi sokuya kuleso sigameko.

**Risk categories and their response times**

| Risk category | Broad land use / development type | Required response time |
|---|---|---|
| **A – High** | CBD; extensive commercial and industry | Within 8 minutes |
| **B – Moderate** | Limited CBD; smaller commercial or industry | Within 10 minutes |
| **C – Low** | Residential (of conventional type) | Within 13 minutes |
| **D – Rural** | Vegetation and limited buildings in remote areas | Within 23 minutes |
| **E – Special** | Various, including noxious industries, squatter areas, large shopping centres | Must be reached within time associated withi development type, but are generally high risk – thus 8 minutes |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMasipala Wendawo / Wesifunda
- Izinsiza Zomphakathi kanye Nezimo Eziphuthumayo
- UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana kanye Nezindaba Zomdabu

**IZIMO ZENDAWO**

Ukufinyelela kahle emizileni emikhulu yezokuthutha - ngaphandle kwesiminyaminya sezimoto ukuze kuphendulwe ngokushesha, isib. endaweni engaphandle kwaleyo eyisizinda kodwa ekudebuduze. Kudingeka ukuba zibe seduze izinsiza (ugesi, amanzi, ukuthuthwa kukadoti, nokunye). Kudingeka futhi ukuba zibe seduze nezindawo ezinezinye izinsiza ezifana namaPhoyisa kanye Nezithuthi Zeziguli.

Kuyizindleko ukwakha iziteshi zezicishamlilo kanye nezinsiza, kanti izinga lokusha kwemililo emakhaya lenza kucishe kube nzima ukuthola iziteshi ukuze zizilungiselele kayo yonke imililo eyenzeka emakhaya, ikakhulukazi ezakhiweni eziyimikhukhu. Uhlelo oluvamile lokucima umlilo lulungele izindawo zasemadolobheni ezinabantu abaningi kanye nengxenye enkulu yezimboni. Emhlabeni jikelele, umsebenzi wamavolontiya uya ngokuya wanda ikakhulu ezindaweni zasemakhaya kanye nakulezo ezingenazo izakhiwo eziningi. Lokhu kungumsebenzi kamasipala wesifunda. Omasipala kumele babambe iqhaza elikhulu ekudidiyeleni izinhlelo zokulwa nemililo kanye nasekuzengameleni.

**IZINTO EZIDINGEKA ESAKHIWENI SEZICISHAMLILO**

Isakhiwo kumele sibe sendaweni eqondile kumbe endaweni engadingi ukulungiswa kakhulu uma kwakhiwa kuyo, isib. ukugcwalisa ingemuva lendawo, ukuqondisa indawo.
Kudingeka ukuthi kube nendlela eqondile yokufinyelela emizileni emikhulu.

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Isiteshi sezicishamlilo singahlanganiswa nalezi zikhungo:
    - amangcwaba;
    - uhlobo lwesibhedlela i-L1;
    - isiteshi sama-ambulensi; kanye
    - nesiteshi samaphoyisa

**4.2.3 Amajele kanye Nezindawo Zezokuphepha**

**INCAZELO**

Izindawo zokuvalelwa kanye nokutokiswa kwezigebengu neziboshwa ezisalinde ukuqulwa kwamacala.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|
| **Amajele kanye Nezindawo Zezokuphepha** | AKUKHO Kuncike kakhulu emlandweni yobugebengu | AKUKHO Kuncike kakhulu emlandweni yobugebengu | Kubalulekile ukuthi le ndawo isondelane nezinkantolo | 2 ha - 5 ha kuye ngesidingo |

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | emphakathini kanye nokusebenza kohlelo lwezobulungiswa | emphakathini kanye nokusebenza kohlelo lwezobulungiswa | ukwenzela iziboshwa ezisalinde ukuqulwa kwamacala | |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Amajele kanye Nezindawo Zezokuphepha** | • | • | • | **Lokhu kwenzeka ngokususela ezidingweni ezihambisana nesimo** | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezokuxhunyaniswa Komphakathi kanye Nokuphepha
- UMnyango Wezokuhlunyeleliswa Kwezimilo
- UMnyango Wezobulungiswa
- UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

Ukuhlela kwenziwa nguhulumeni kuzwelonke kanye nasesifundazweni. Sincane isidingo sokuzifaka ngesikhathi kusahlelwa - lezi zikhungo zakhiwa ngokubona isidingo kanye nangokombiko owenziwe kodwa kudingeka ukuba zakhiwe futhi uma kunezicelo ezenziwe.

**IZIMO ZENDAWO**

Ngokuvamile izakhiwo zamajele zakhiwea endaweni enkulu evulekile neqhelile ngenxa yokucabangela ukuthi amajele akumele asondelane nezindawo zomphakathi noma ezindaweni okuhlalwa kuzo umphakathi. Lezi zikhungo zingakhiwa endaweni eziqhelile inqobo nje uma kunomgwaqo oqondile wokufinyelela ezinkantolo.

### 4.3 Izikhungo Zezemfundo

#### 4.3.1 Imitapo Yolwazi

**INCAZELO**

Imitapo yolwazi yomphakathi ihlinzeka ngezinsizakusebenza kanye nezinsi ezahlukene zemithombo yezezindaba ukuze kuhlangabezwane nezidingo zezemfundo yomphakathi wonkana, ulwazi kanye nokuzithuthukisa komuntu siqu. Ngokujwayelekile lapha kugcinwa izincwadi zezinganekwane kanye nemibhalo engamaqiniso nokutholakala ngokubolekwa kanye nezingabolekisi kuphinde futhi kube nezinsiza ezifana nezindawo zokufunda, amagumbi okuhlangana, kanye namakhompyutha ane-internet asetshenziswa ngumphakathi.

Ezindaweni ezigqagqene ezidinga lezi zinsiza kumbe uma kwengezwa izinsiza ezikhona kuyaye kusetshenziswe imitapo yolwazi engomahambanendlwana kanye neyiziqukathi uma kunesidingo. Indawo/umhlaba walezi zinsiza kuyinto engakhethile kangakho futhi lezi zinsiza kufanele zibe yingxenye yezinye izinsiza ezifana nezikole noma amahholo omphakathi kanti-ke indawo yalokhu yona ayicacisiwe. Imitapo yolwazi yesikole ingasetshenziselwa nokwelekelela umphakathi.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Umtapo Wolwazi Wesifunda Wezincwadi Ezingabolekisi** | Lapha kugcinwa iqoqo lezincwadi ezingabolekisi. Lokhu kwenzeka ikakhulu emadolobheni amakhulu kuphela | 200 000 | 450 000 | 50 | .56ha |
| **Umtapo Wolwazi Wesifunda** | Lesi yisikhungo esikhulu kakhulu esigcina amaqoqo ahlukene ezinsizalwazi zomphakathi. | 150 000 | 200 000 | 15km | .56ha |
| **Umtapo Wolwazi Oyigatsha** | Lesi yisikhungo esikhulu esihlinzeka umphakathi omningi. Imitapo yolwazi yomphakathi ihlinzeka ngezinsizakusebenza kanye nezinsi ezahlukene zemithombo yezezindaba ukuze kuhlangabezwane nezidingo zezemfundo yomphakathi wonkana, ulwazi kanye nokuzithuthukisa komuntu siqu. | 50 000 | 150 000 | 10 km | 0.1 Ha – 0.2 Ha |
| **Umtapo Wolwazi Womphakathi Oyisisekelo** | Imitapo yolwazi yomphakathi emincane ihlinzeka ngezinsizakusebenza kanye nezinsi ezahlukene zemithombo yezezindaba ukuze kuhlangabezwane nezidingo zezemfundo yomphakathi wonkana, ulwazi kanye nokuzithuthukisa komuntu siqu. | 5 000 | 24 999 | Kuba ngama-5 km, uma ungekho uMtapo Wolwazi Oyigatsha endaweni engama-10km | 0.05 Ha – 0.1 Ha |
| **Umtapo Wolwazi Oyikhonteyna** | Le mitapo yolwazi ingasetshenziswa ezindaweni ezigqagqene ezidinga lezi zinsiza kumbe uma kwengezwa izinsiza ezikhona uma kunesidingo. | 2 750 | 3 799 | 5 km Lokhu kwenziwa uma ungekho uMtapo Wolwazi | 0.03 Ha – 0.05 Ha |

| | |
|---|---|
| **Umtapo Wolwazi Oyikhonteyna** | Lokhu kuhlinzekwa uma zingekho ezinye izinsiza ezingatholakala |
| **Uphiko Lwezincwadi Zomphakathi** | Lokhu kuhlinzekwa kunanoma iyiphi indawo eqhelelene nomtapo wolwazi ngama-10km.Njengoba kufanele. |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezemidlalo kanye Namasiko KwaZulu-Natali

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

Kunconywa ukuthi abantu abahlinzekwa nguMtapo Wolwazi Oyigatsha akube ukuthi abeqile kuma-70 000. Imitapo Yolwazi Yezifunda Emikhulu ingakwazi ukunakekela abantu abangama-200 000, ngakho-ke kudingeka ukuba kuhlinzekwe ngomtapo owodwa kumbe emibili kumasipala ngamunye.
Imitapo yolwazi emikhulu nenezincwadi eziningi yona ingakwazi ukunakekela abantu abangama-400 000 ebese idinga indawo engama-0.56 Ha futhi ifanele ukuhlinzeka Emadolobheni Amakhulu, Ezikhungweni Zezifunda Ezinkulu kanye/noma Emadolobheni anamaNyuvesi kuphela.

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Umtapo wolwazi ungahlanganiswa nalezi zikhungo:
- Isikole samabanga aphansi;
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ipaki yendawo;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi; kanye
- nesikhungo sezokucobelelana ngolwazi.

b) Umtapo wolwazi akufanele ungahlanganiswe nalezi zikhungo:
- Isiteshi sama-ambulensi
- Iziteshi Zezicishamlilo
- indawo enomsindo

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI**

- Umnyango Wezemidlalo kanye Namasiko KwaZulu-Natali, kuNcwaba wezi-2007, Izinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza – Isigaba 3 kwezintantu (3)

| 4.3.2 | Izikole Zamabanga Aphezulu |
|---|---|

**INCAZELO**

Izikole zikahulumeni kanye nezizimele ezifundisa: Ibanga 8 - 12 (abaneminyaka 13 -17)

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga u Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| Ngokwesilinganiso ama-10% abantu kuba yizingane ezihamba isikole samabanga aphezulu kodwa lokhu kungahluka kwezinye izindawo kuye ngezenhlalo-mnotho okungaba ngumholo abantu kanti lokhu kufanele kuqinisekiswe.<br>Umthamo wesikole nawo kungadingeka ukuba ulungiswe ngokususela ngaphansi kwenqubomgomo yokufundisa/yolimi lwesikole kanye nomlando wolimi olukhulunywa kakhulu ngabantu abatholakala kuleyo ndawo.<br>(Ubungako besiza kungenzeka sincishiswe ngokubonisana noMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali kodwa kwenziwe ngokuthi indawo iklanywe kahle, ilungiswe isimo sayo futhi kuqokwe nendawo yezinkundla zezemidlalo. Ubungako besiza kumele bengezwe ukuze kube nendawo enkulu yezinkundla zezemidlalo ebese indawo incishiswa ezikoleni ezisemadolobheni ezingenazo izinkundla zezemidlalo). | | | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezinkulu Kakhulu** | Isikole samabanga aphezulu esikhulu kuhloswe ngaso ukuhlinzeka ngemfundo ezindaweni ezinabantu abaningi kanye nokugwema izindleko. Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | Izi-10 000 (abafundi ababhalisile abayi-1000) | Izi-14 000 (abafundi ababhalisile abayi-1400) | 5 km | 4.8 ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama-0.9ha futhi lokhu kungahlangene nokwabelana ngezinkundla zemidlalo nomphakathi). |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezinkulu** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | Izi-6 000 (abafundi ababhalisile abangama-601) | Izi-10 000 (abafundi ababhalisile abayi-1 000) | 5 km | 4 ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama-0.9ha futhi lokhu kungahlangene nokwabelana ngezinkundla zemidlalo nomphakathi). |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu –** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | Izi-4 000 (abafundi ababhalisile | Izi-5 999 (abafundi ababhalisile | 5 km | 3.2 ha (okuhlanganisa |

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga u Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| **Eziphakathi Nendawo** | | abangama-401) | abangama-600) | | nezinkundla zemidlalo endaweni engama-0.9ha futhi lokhu kungahlangene nokwabelana ngezinkundla zemidlalo nomphakathi). |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezincane** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | Izi-2 000 (abafundi ababhalisile abangama-200) | Izi-3 999 (abafundi ababhalisilea bangama-400) | 5 km | 2.6 ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama-0.9ha futhi lokhu kungahlangene nokwabelana ngezinkundla zemidlalo nomphakathi). |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezinkulu Kakhulu** | ✓ | ✓ | ✓ | | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezinkulu** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphezulu – Eziphakathi Nendawo** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izikole Zamabanga Aphezulu - Ezincane** | | | | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali

**IZINTO EZIDINGEKAYO**

a) UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo Kuzwelonke (i-DBE) kumele ukhiphe imvume egunyaza isilinganiso sendawo uma leyo ndawo incane kunezilinganiso esilindelekile. Isethulo salokhu kufanele sesekelwe ngombhalo wezinhlelo zokuklanywa kwendawo okhombisa ukuthi nakuba indawo incane kunesilinganiso sabe-DBE kodwa leyo ndawo isahambisana nezinto ezidingekayo ezibekiwe.

b) Awukho umehluko okhona ezingeni lokuhlinzekwa kwezindawo eziminyene kanye nezingaminyene, nakuba yehlukile imiyalelo yokuhlelwa kwendawo, ikakhulu ezindaweni ezimaphakathi nedolobha exegiselwe izinto ezidingekayo ekuhlelweni komhlaba. Izikole eziwuhlobo oluncane zilungele ukwakhiwa ezindaweni ezinesibalo esincane sabancane.

c) Kuphakanyiswa ukuthi indawo ethile esendaweni yesikole ibekwe eceleni ukuze isetshenziswe yisikole kumbe ngumphakathi ukutshala kuyo; okungenani le ndawo ingaba ngama-0.3m2 kumfundi ngamunye noma ngabe isesikoleni samabanga aphansi kumbe aphezulu (uMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali kuNhlolanja wezi-2009).

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Kuya ngokwanda ukuthi izikole kanye nomphakathi babelane ngezinsiza ezifana nezinkundla zemidlalo, amahholo kanye nokunye, kodwa lokhu kumele kugunyazwe yilabo ababambiqhaza abathintekayo okuhlanganisa neSigungu Esengamele Isikole. Isikole kufanele sibe okungenani nendawo (engama-0.9ha) yenkundla yebhola likanobhutshuzwayo noma yebhola lombhoxo kanye nesikhala sebhola lomnqakiswano noma i-volleyball, ngaphandle uma leso sikole sabelana ngezinsiza zezemidlalo nomphakathi (ngokuhlinzekwa ngumasipala). Ukuze kusebenzeke kahle, le ndawo kufanele iphindwe kabili.

b) Isikole samabanga aphezulu singahlanganiswa nalezi zikhungo:
- umtapo wolwazi;
- isikole samabanga aphansi;
- esinye isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- izinkundla zezemidlalo
- izinkundla zendawo zezemidlalo;

- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda;
- amadamu okubhukuda;
- ezolimo zasemadolobheni;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi; kanye
- nesikhungo sezokucobelelana ngolwazi.

c) Isikole samabanga aphezulu AKUFANELE singahlanganiswe nalezi zikhungo:

- Indawo yokuphuzela utshwala;
- Indawo yokudayisa utshwala;
- Indawo yokugembula;
- Izibhedlela kanye Nemitholampilo enamagumbi ezezimo eziphuthumayo;
- Isiteshi sama-ambulensi;
- Iziteshi Zezicishmlilo;
- Iziteshi Zamaphoyisa; kanye
- Nendawo enomsindo

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

a) Uma kuhlanganiswa bonke abantu, balinganiselwa cishe kuma-8% kuphela abantu okungenzeka babe seminyakeni yokuhamba izikole zamabanga aphezulu; ngakho-ke inani labantu abayizi-12 500 kulindeleke ukuba libe nesikole esisodwa esikhulu samabanga aphezulu kanti inani labantu abayizi-2 500 bona bangahlinzekwa ngesikole esincane samabanga aphezulu. Ubukhulu besikole kufanele buye ngenani lezingane ezifundayo endaweni. Isimo senhlalo-mnotho kungenzeka sibe nomthelela othile kulokhu. Imali eyinzuzo endaweni ingaba nomthelela ekusebenzisaneni phakathi kwezikole zikahulumeni kanye nezizimele.

b) UMnyango uphinda futhi uhlinzeke ngomhlahlandlela mayelana nobungako bezindawo ezidingeka kumfundi ngamunye ofunda ngokugcwele (FTE) maqondana nezindawo zezikole ezahlukahlukene kanye neziza jikelele.

**UKUMINYANA KWABABANTU KANYE NOKUTHUTHUKISWA KWENDAWO**

a) Ukuminyana kwezindawo zokuhlala kuyinto enomthelela ekuhlinzekeni umphakathi ngezinsiza okufinyelelekayo kuzo. Leli thebula elilandelayo lihlinzeka ngamazinga abonisa amanani okuminyana kanye nebanga elihanjwayo lokufinyelela esikoleni samabanga aphezulu esinabafundi abayi-1 000 emphakathini onabantu abayizi-12 500 (ngokujwayelekile isibalo sabafundi basesikoleni samabanga aphezulu siphakathi kwama-8-10% esamba sabantu kanye namanani emizi okungaba ukuthi kunabantu abane (4) umuzi ngamunye).

**Ukuminyana okujwayelekile endaweni yokuhlala* nokudingeka njengesilinganiso sebanga elihanjwa ngabafundi abayi-1 000 ukuze bafinyelele esikoleni samabanga aphezulu**

| *Abantu ngehektha ngalinye/ Izindlu zokuhlala ngehektha ngalinye* | *Ibanga (km)* |
|---|---|
| 125 ppha / 31 du | 0.5 |
| 31 ppha / 7-8 du | 1.0 |
| 13 ppha/ 3-4 du | 1.5 |

b) Abantu abayizi-12 500 bangahlinzekwa ngesikole esisodwa esikhulu samabanga aphezulu kanti abantu abangabodwana abangaba ngu-2 500 bona bangahlinzekwa ngesikole esincane samabanga aphezulu (kodwa lokhu akulungile ngoba kuyaye kwenze ukuthi isikole sihlinzeke ngezifundo ezimbalwa kumbe umkhawulo ezilimini ongazikhetha). Njengamanje kunesibalo esithize sabashiya isikole / 'abalaxaza isikole' nokulinganiselwa ku-30% wabafundi abaneminyaka eyi-16-18 KwaZulu-Natali. Uma indawo isizuze inani elikhulu labafundayo abakule minyaka, kufanele kwandiswe futhi kuphathwe kahle izikole ezikule ndawo zibe ngezeqophelo elifanele ukuze zimelane nabafundi abengeziwe futhi zihambisane nezinkambiso ze-NDoE. (Okwamanje cishe kunabantu abangama-10% abaneminyaka yabafunda esikoleni samabanga aphezulu kodwa ngokwesilinganiso ngama-8% kuphela abantu abafunda isikole ngokwale minyaka).

c) Amazinga okufinyelela ezinsizeni abonisa ukusabalala okuphezulu kanjalo futhi awalingani nokusatshalaliswa kwezinsiza ngenxa yokuminyana kwendawo kanye nomehluko ngokwesimo sezindawo. Ngakho-ke zimbalwa kakhulu izindawo ezinomhlaba ohleleke ngendlela efanayo nokudala ukuthi izinsiza zihlinzekwe ngokufanayo. Ngaphezu kwalokho, amazinga okufinyelela ezinsizeni awanakwenza maqondana nokuzikhethela kwekhasimende ngokwezikole okufundwe kuzo. Ziningi-ke izimo ezingaphazamisa lokhu nezihlanganisa, uhlelo olusetshenziswayo lokufunda nolimi lokufundisa, izinga lemfundo nezinsiza, uhlelo lwezemidlalo nendlela yokwenza, ezokuthutha kanye nezindleko zazo, nokwanda kwezinga lezinto zokuhamba okuholela ekutheni abantu bakhethe ukusebenzisa izinsiza ezingaphandle kwendawo abahlala kuyo. Lapho izikole zabiwa ngokulinganayo uma kuqhathaniswa nokusabalala kwabantu, ukuthi abantu bakhetha ukufunda ezikoleni ezingekho eduzane nendawo abahlala kuyo akusho ukuthi kumele kuguqulwe amazinga okuhlinzeka; kepha kushintsha indlela okusetshenzwa ngayo kuphela.

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI**


- Umnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali, ngaphansi Kwezinkambiso Zokuhlelwa Kwendawo kanye Namaqophelo Okusebenza Ezikoleni Zikahulumeni, Isibuyekezo 4, kuNhlolanja wezi-2009.
- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf

- The Neighbourhood Planning And Design Guide (Red Book) 2019: Creating Sustainable Human Settlements https://www.csir.co.za/neighbourhood-planning-and-design-guide-red-book
- IGazethi kaHulumeni, yamhla zingama-21 kuLwezi wezi-2008, Isaziso 1439 kowezi-2008, UMthetho uNo. 84 kowe-1996 Wezezikole eNingizimu Afrika ngaphansi koMnyango Wezemfundo, Unxusa ukuba kuphawulwe ngokwezilinganiso zamazinga okusebenza amisiwe maqondana nengqalasizinda yezikole.

## 4.3.3 Izikole Zamabanga Aphansi

**INCAZELO**

Izikole zikahulumeni kanye nezizimele ezifundisa lawa: mabanga R – 7 (kusuka eminyakeni 5-12 ubudala). Nakuba kungakaphoqelekile kunconywa kakhulu ukuthi Ibanga R lifundiswe kuzo zonke izikole zikahulumeni kanye nezizimele kumbe izikole ezizimele ezibhaliswe ngaphansi kwe-ECD.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| Ngokwesilinganiso ama-14% abantu kuba yizingane ezihamba isikole samabanga aphansi kodwa lokhu kungahluka kwezinye izindawo kuye ngezenhlalo-mnotho kanti lokhu kufanele kuqinisekiswe.<br>Umthamo wesikole nawo kungadingeka ukuba ulungiswe ngokususela ngaphansi kwenqubomgomo yokufundisa/yolimi lwesikole kanye nomlando wolimi olukhulunywa kakhulu ngabantu abatholakala kuleyo ndawo. | | | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezinkulu Kakhulu** | Isikole samabanga aphansi esikhulu kuhloswe ngaso ukuhlinzeka ngemfundo ezindaweni ezinabantu abaningi kanye nokugwema izindleko. Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | 6 600 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-930) | Ama-10 000 (ukubhaliswa kwabafundi abayi-1 280) | 5 km | Isibalo Esiphansi 43.5ha-6.2ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama- 0.9ha); Ukwandiswa kwendawo yezinkundla zesikole |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezinkulu Ezinebanga R** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | 4 400 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-621) | 6 600 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-930) | 5 km | Isibalo Esiphansi 3.5ha-6.2ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama- 0.9ha); Ukwandiswa kwendawo yezinye izinkundla zesikole |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezingenkulu Ezinebanga R** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | 2 200 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-311) | 4 399 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-620) | 5 km | 2.8 ha kuya ku-4.4ha. (kwamukeleke u-1.4ha uma izinkundla zemidlalo zibuye zisetshenziswe nawumphakathi). Izikole ezimbili zamabanga aphansi, isikole ngasinye sine- |

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Besiza |
|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | 1.4ha ebese kwabelwana ngenkundla yezemidlalo engu-2.0ha – 4.8ha |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezincane Ezinebanga R** | Izibalo zabafundi yizona ezibalulekile | 1 000 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-135) | 2 199 (ukubhaliswa kwabafundi abangama-310) | 5 km | Isibalo Esiphansi 1.9-3.2ha (okuhlanganisa nezinkundla zemidlalo endaweni engama- 0.9ha); Ukwandiswa kwendawo yezinye izinkundla zesikole |

**IMIBANDELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Zedolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezinkulu Kakhulu Ezinebanga R** | ✓ | ✓ | ✓ | | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezinkulu Ezinebanga R** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | | |
| **Izikole Zamabanga Aphansi – Eziphakathi Nendawo Ezinebanga R** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | • | • | • |
| **Izikole Zamabanga Aphansi - Ezincane Ezinebanga R** | | | ✓ | ✓ | • | • | • |

**ABABAMBIQHAZA ABAQONDENE**

- UMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali

**IZINTO EZIMAQONDANA NEZILINGANISO**

a) Isilinganiso sendawo kufanele silungiswe kahle, indawo ibe sesimweni esikahle kuphinde futhi kuklanywe nendawo yezinkundla zezemidlalo. Isilinganiso sendawo kumele sengezwe ukuze kube nendawo enkulu yezinkundla zezemidlalo.

b) Kungenzeka ukuthi izindawo zingabi yileso silinganiso esincane esifanele kanye nesibekiwe kepha lokhu kufanele kwenzeke ngokwemvume ekhishwe nguMnyango Wezemfundo Kuzwelonke. Isethulo salokhu kufanele sesekelwe ngombhalo wezinhlelo zokuklanywa kwendawo okhombisa ukuthi nakuba indawo incane kunesilinganiso soMnyango Wezemfundo kodwa leyo ndawo isahambisana nezinto ezidingekayo.

c) Awukho umehluko okhona ezingeni lokuhlinzekwa kwezindawo eziminyene kanye nezingaminyene, nakuba yehlukile imiyalelo yokuhlelwa kwendawo njengoba izikole ezincane kuba yizona ezisezindaweni ezingaminyene kakhulu.

d) Kuphakanyiswa ukuthi indawo ethile esendaweni yesikole isale eceleni ukuze isetshenziswe yisikole kumbe ngumphakathi ukuze kutshalwe kuyo; okungenani le ndawo ingaba ngama-0.3m2 kumfundi ngamunye noma ngabe isesikoleni samabanga aphansi kumbe aphezulu (uMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali kuNhlolanja wezi-2009).

**UKWABELANA NGEZIKHUNGO KANYE NOKUHLANGANISWA KWAZO**

a) Kuya ngokwanda ukuthi izikole kanye nomphakathi babelane izinsiza ezifana nezinkundla zemidlalo, amahholo kanye nokunye, kodwa lokhu kumele kwenzeke ngokuthi kube nohlelo oluthile lwendlela yokuphatha futhi kugunyazwe yiSigungu Esengamele Isikole. Isikole kufanele sibe okungenani nendawo (engama-0.9ha) yenkundla yebhola likanobhutshuzwayo noma yebhola lombhoxo kanye nesikhala sebhola lomnqakiswano noma i-volleyball, ngaphandle uma leso sikole sabelana ngezinsiza zezemidlalo nomphakathi kumbe nesinye isikole (ngokuhlinzekwa ngumasipala). Ukuze kusebenzeke kahle, le ndawo kufanele iphindwe kabili. UMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali ukweseka kakhulu ukwabelana ngezinkundla zemidlalo phakathi kwezikole kanye nomphakathi kanti-ke lokhu kudinga uhlelo uluthile lokukwengamela kahle. Isikole ngasinye kufanele sibe nezinkundla zemidlalo ezimbili.

b) Akuvumelekile ukuba umphakathi ube nezikole zamabanga aphansi kanye nezamabanga aphezulu ezindaweni ezisondelene kakhulu.

c) Isikole samabanga aphansi singahlanganiswa nalezi zikhungo:

- umtapo wolwazi;
- esinye isikole samabanga aphansi;
- isikole samabanga aphezulu;
- ihholo lomphakathi;
- izinkundla zendawo zezemidlalo;
- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda;

- amadamu akubhukuda;
- ezolimo zasemadolobheni;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi; kanye
- nesikhungo sezokucobelelana ngolwazi.

c) Isikole samabanga aphansi akufanele singahlanganiswe nalezi zikhungo:

- Indawo yokuphuzela utshwala;
- Iziteshi Zamaphoyisa;
- Indawo yokudayisa utshwala;
- Indawo yokugembula;
- Izibhedlela kanye Nemitholampilo enamagumbi ezezimo eziphuthumayo;
- Isiteshi sama-ambulensi;
- Iziteshi Zezicishamlilo; kanye
- Nendawo enomsindo

**IZINTO EZIDINGEKAYO**

a) Uma kuhlanganiswa bonke abantu, balinganiselwa cishe kuma-14% kuphela abantu okungenzeka babe seminyakeni yokuhamba izikole zamabanga aphansi; ngakho-ke isikole samabanga aphansi esikhulu esingaba nabafundi abangama-960 kulindeleke ukuba sibe sendaweni enenani labantu abayizi-7 000, kanti abantu abayizi-4 000 kuya ku-4 500 bona bangaba nesikole esinabafundi abangama-600.

b) Isibalo esamukelekile sabangabhalisa esikoleni samabanga aphansi kumasipala weTheku kungaba ngabafundi abangama-900.

c) UMnyango uphinda futhi uhlinzeke ngeziqondiso mayelana nobungako bezindawo ezidingeka kumfundi ngamunye ofunda ngokugcwele (FTE) ezindaweni ezahlukene zesikole kanye nesendaweni jikelele.

**UKUMINYANA KWABANTU KANYE NOKUTHUTHUKISWA KWENDAWO**

Ukuminyana kwezindawo zokuhlala kuyinto enomthelela ekuhlinzekeni umphakathi ngezinsiza okufinyelelekayo kuzo. Leli thebula elilandelayo lihlinzeka ngamazinga abonisa amanani okuminyana kanye nebanga elihanjwayo lokufinyelela esikoleni samabanga aphansi esinabafundi abangama-960 emphakathini onabantu abayizi-7 000 (ngokujwayelekile isibalo sabafundi basesikoleni samabanga aphansi singama-14% esamba sabantu kanye namanani emizi okungaba ukuthi kunabantu abane (4) umuzi ngamunye).

| **Ukuminyana okujwayelekile endaweni yokuhlala* nokudingeka njengesilinganiso sebanga elihanjwa ngabafundi abayi-1 000 ukuze bafinyelele esikoleni samabanga aphezulu** | |
|---|---|
| ***Abantu endaweni eyihektha/ Izindlu zokuhlala endaweni eyihektha*** | ***Ibanga (km)*** |
| 125 ppha / 31 du | 0.5 |
| 31 ppha / 7-8 du | 1.0 |
| 13 ppha/ 3-4 du | 1.5 |

d) Abantu abayizi-12 500 bangahlinzekwa ngesikole esisodwa esikhulu samabanga aphezulu kanti abantu abangabodwana abangaba yizi-2 500 bona bangahlinzekwa ngesikole esincane samabanga aphezulu (kodwa lokhu akulungile ngoba kuyaye kwenze ukuthi isikole sihlinzeke ngezifundo ezimbalwa kumbe sibe nomkhawulo ezilimini okungakhethwa kuzo). Njengamanje kunesibalo esithize sabashiya isikole / 'abalaxaza isikole' esilinganiselwa kuma-30% wabafundi abaneminyaka eyi-16-18 KwaZulu-Natali. Uma indawo isizuze inani elikhulu labafundayo abakule minyaka, kufanele kwandiswe futhi kuphathwe kahle izikole ezikule ndawo zibe ngezeqophelo elifanele ukuze zimelane nabafundi abengeziwe futhi zihambisane nezinkambiso ze-NDoE. (Okwamanje cishe kunabantu abangama-10% abaneminyaka yabafunda esikoleni samabanga aphezulu kodwa ngokwesilinganiso ngama-8% kuphela abantu abafunda isikole ngokwale minyaka).

e) Amazinga okufinyelela ezinsizeni abonisa ukusabalala okuphezulu kanjalo futhi awalingani nokusatshalaliswa kwezinsiza ngenxa yokuminyana kwendawo kanye nomehluko ngokwesimo sezindawo. Ngakho-ke zimbalwa kakhulu izindawo ezinomhlaba ohleleke ngendlela efanayo nokudala ukuthi izinsiza zihlinzekwe ngokufanayo. Ngaphezu kwalokho, amazinga okufinyelela ezinsizeni awanakwenza maqondana nokuzikhethela kwekhasimende ngokwezikole okufundwe kuzo. Ziningi-ke izimo ezingaphazamisa lokhu nezihlanganisa, uhlelo olusetshenziswayo lokufunda nolimi lokufundisa, izinga lemfundo nezinsiza, uhlelo lwezemidlalo nendlela yokwenza, ezokuthutha kanye nezindleko zazo, nokwanda kwezinga lezinto zokuhamba okuholela ekutheni abantu bakhethe ukusebenzisa izinsiza ezingaphandle kwendawo abahlala kuyo. Lapho izikole zabiwa ngokulinganayo uma kuqhathaniswa nokusabalala kwabantu, ukuthi abantu bakhetha ukufunda ezikoleni ezingekho eduzane nendawo abahlala kuyo akusho ukuthi kumele kuguqulwe amazinga okuhlinzeka; kepha kushintsha indlela okusetshenzwa ngayo kuphela.

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI**


- UMnyango Wezemfundo KwaZulu-Natali, ngaphansi Kwezinkambiso Zokuhlelwa Kwendawo kanye Namazinga Okusebenza Ezikoleni Zikahulumeni, iSishicilelo 4, kuNhlolanja wezi-2009.
- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf
- The Neighbourhood Planning And Design Guide (Red Book) 2019: Creating Sustainable Human Settlements https://www.csir.co.za/neighbourhood-planning-and-design-guide-red-book
- IGazethi Kahulumeni, yamhla zingama-21 kuLwezi wezi-2008, iSaziso 1439 wezi-2008, soMthetho Obhekele IzikoleeNingizimu Afrika ngaphansi koMnyango Wezemfundo , uMthetho No. 84 we-1996, inxenxa ukuba kupthunyelwe imibono maqondana nezilinganiso zamazinga okusebenza amiselwe ingqalasizinda yezikole.

### 4.3.4 Izikhungo Zokunakekelwa Kwezingane / Izinkulisa

**INCAZELO**

Nanoma yisiphi isikhungo esihlinzeka ngohlelo lokunakekelwa kwezingane ezincane ezingaphezu kwesithupha - kufanele sibe nesikhungo sokunakekela izingane, inkulisa, isikole sezingane, indawo yokudlala, unakekelo lwangemuva kokuphuma kwesikole, izindawo zezinsiza, njll.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| **ISizinda Sezinsiza ze-ECD Esincane Esimaphakathi Esikhulu** | Isikhungo sesimanje esiphelele esihlinzeka ngokunakekelwa kanye nokuthuthukiswa kwezingane ezingaphansi kweminyaka emihlanu (5) ubudala. Lezi zikhungo zihlanganisa izikhungo zokunakekela izingane eziyi-120-400. Lapha kuphinda kuhlinzekwe ngesikhungo sezinsiza zokuhanjelwa komphakathi kanye nezikhungo ezincane ezakhele indawo siphinde futhi sisebenze njengesikhungo sokuqeqesha kanye nokuhlinzeka izinsiza emphakathini maqondana ne-ECD. Lesi sikhungo sezelwe ukweseka ama-ECD ambalwa kanye nezinhlelo ezithile | Esincane ngama-10 000<br><br>Esimaphakathi ngama-20 000<br><br>Esikhulu ngama-40 000 | Kuze kufike kuma-60 000 | 15km - ama-metro<br>30km-amadolobha amakhulu namadolobhana<br>60km ukuze ufinyelele ezindaweni ezinabantu abangaminyene | Cishe ngu-0.1ha |
| **Izikhungo/ Izinkulisa Zezokunakekelwa Kwezingane ezahlukene** | Isikhungo se-ECD singahlinzeka ngezinhlelo zokunakekela kanye nokukhuthaza izingane ezineminyaka engaphansi kwemihlanu (5) ngokunjalo nohlelo lwasenkulisa. Lapha kungabandakanywa isikhungo sokunakekela, inkulisa, isikole senkulisa, indawo yokudlala, unakekelo lwangemuva kokuphuma | 1 000 | 3 500 | 2 km | Iyahlukahluka. Indawo engu-0.02ha ingakwazi ukuhlalisa izingane eziyi-100 (Ayikho indawo ekhethekile edingekayo, ukubhaliswa okudingekayo kanye nemvume |

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| | kwesikole kanye neBanga R noma inhlanganisela yanoma yikuphi kulokhu. Le ndawo ingahlalisa phakathi kwezingane ezingama-30-120 | | | | yokusebenzisa indawo) |

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| ISizinda Sezinsiza ze-ECD | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | Izikhungo ezincane kakhulu | |
| Izikhungo Zezokunakekelwa Kwezingane/ Izinkulisa | Zonke izindawo zokuhlala kanye namadolobhana analokho okudingekayo kufanele kwengezelwe izinhlelo zokufinyelela emphakathini kanye nasezindaweni zasemakhaya. | | | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- UMnyango Wezemidlalo kanye Namasiko KwaZulu-Natali
- UMnyango Wezemidlalo kanye Namasiko Kuzwelonke
- UMasipala Wendawo
- Izinhlangano Ezingekho Ngaphansi Kukahulumeni (ama-NGO)

**UDABA LOBUNINGI BABANTU**

Ukudingeka kwezinsiza kuncike kakhulu ezanhlakeni zomphakathi ezikhona futhi kungehluka.

**IZIMO ZENDAWO**

Ngokwezinto okumele ziqapheleke kubalwa phakathi ukugwema isibalo esihezulu sesiphithiphithi sezimoto kanye nokuziphatha komphakathi okungamukelekile (okungaba sezindaweni zokucima ukoma), Eziteshini Zamaphoyisa kanye nasezikhungweni zosizo lwezokwelapha oluphuthumayo ezisebenza amahora angama-24.

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI**

- Mokgalaka, H, Green, CA, Mans, G, Ngidi, M, McKelly, D, Sogoni, Z, & Baloyi, E. 2017. Review of the National ECD and DSD Service Offices Infrastructure Spatial Plan. GWDMS No.267638 TODB. CSIR/BE/SPS/ER/2017/0063/A.

- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf
- The Neighbourhood Planning And Design Guide (Red Book) 2019): Creating Sustainable Human Settlements https://www.csir.co.za/neighbourhood-planning-and-design-guide-red-book
- Department of Social Development & UNICEF. May 2009. Guidelines for early childhood development services. Accessed at: http://www.info.gov.za/view/DownloadFileAction?id=70066 Accessed on: 12 March 2010

### 4.4 Imisebenzi Kahulumeni koMasipala kanye Nasemphakathini

#### 4.4.1 Izikhungo Zemisebenzi Yomphakathi / Kahulumeni

**INCAZELO**

Isizinda esikhona emphakathini lapho kungahlinzekwa khona ngenqwaba yezinsiza zikahulumeni kanye nezinye izinsiza zikamasipala kumbe zomphakathi, isib. uMnyango Wezasekhaya, abakwa-SASSA, eZabasebenzi, uPhiko Lwamaphoyisa, uMnyango Wezempilo kanye noweZobulungiswa kanye/noma amahhovisi okunakekelwa kwamakhasimende kamasipala natholakala ezindaweni zedolobha ezintathu (3) kuya kwezine (4) noma izinsiza zezentuthuko zibe semzileni owodwa omkhulu njengendawo enkulu kahulumeni eneminyango eyahlukene. Lezo Zikhungo Zezisebenzi Kahulumeni (Izindawo Zikahulumeni/ iSizakala / Izikhungo Zezifunda Ezinakho Konke, yiThusong njll.) zenza kube lula ukufinyelela olwazini kanye nasekusizeni umphakathi ngendlela edidiyele. Lokhu kwenza ukuthi kube nezinsiza ezibalulekile ezihlanganisa iminyango kahulumeni eyahlukene nokuyilapho kutholakala khona nezinye izinsiza zomphakathi. Izinsiza ezibalulekile zihlanganisa uMnyango Wezasekhaya, Wezabasebenzi kanye Nowokuthuthukiswa Komphakathi kuphinde futhi kube khona namaHhovisi Ezemisebenzi yakwa-SASSA. Ume lezi zinsiza sezizonke zakha uhlu lwezindawo zezinsiza zikahulumeni wendawo, wesifundazwe kanye nokazwelonke.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| **Izinhlaka Ezinkulu Zemisebenzi kaHulumeni wesifundazwe kanye nokazwelonke.** | Umkhawulo wesibalo sabantu abangama-300 000 ezindaweni eziminyene. | 160 000 | 300 000 | Emadolobheni ngama-15km Esifundeni ngama-25/30km | 0.5 ha |
| **Izinhlaka ezimaphakathi zemisebenzi kahulumeni wesifundazwe, nokazwelonke** | Kuhlanganisa uMnyango Wezasekhaya, abakwa-SASSA, Wezabasebenzi, Amaphoyisa, Wezempilo kanye Nobulungiswa | 40 000 | 159 999 | Emadolobheni ngama-15km Esifundeni ngama-25/30km | 0.2 ha |
| **Izinhlaka Ezincane Zemisebenzi kaHulumeni wesifundazwe kanye nokazwelonke.** | Indawo esemphakathini lapho kungahlinzekwa khona ngenqwaba yezinsiza zikahulumeni kanye nezinye izinsiza zomphakathi, isib. uMnyango Wezasekhaya, | 10 000 | 19 999 | 25/30 km | 0.05 ha |

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| | abakwa-SASSA, Ezabasebenzi, uPhiko Lwamaphoyisa, uMnyango Wezempilo kanye noweZobulungiswa. | | | | |
| **Omahambanendlwana / e-government** | Umahambanendlwana kanye nezinsiza ezitholakala ngezikhathi ezithile. Uhulumeni ukhuthaza ukuthi kube nomahambanendlwana owodwa kuyo yonke iminyango, kodwa lokhu akukafinyelelwa kukho | 2 000 | 10 000 | 25/30 km | AKUKHO |
| **Izikhungo Ezinkulu Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | Uhlaka lwezemisebenzi kamasipala olulodwa noma ngaphezulu esakhiweni esisodwa noma ezinhlakeni ezinye. | 60000 | 200000 | 15-20 km | 0.05 ha |
| **Izikhungo Ezimaphakathi Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | Uhlaka lwezemisebenzi kamasipala olulodwa noma ngaphezulu esakhiweni esisodwa noma ezinhlakeni ezinye. | 20 000 | 60 000 | 15-30 km | 0.02 ha |
| **Izikhungo Ezincane Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | Uhlaka lwezemisebenzi kamasipala olulodwa esakhiweni esisodwa noma ezinhlakeni ezinye. | 5 000 | 20 000 | 30 km | 0.02 ha |
| | | | | | |

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izinhlaka Eziningi Zemisebenzi kaHulumeni wesifundazwe kanye nokazwelonke.** | ✓ | ✓ | ✓ | | | | |

| | | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **Izinhlaka ezikahle zezemisebenzi kahulumeni kazwelonke. wesifundazwe kanye nakumasipala** | | | | ✓ | ✓ | | |
| **Izinhlaka Ezincane Zezemisebenzi kaHulumeni wesifundazwe kanye nokazwelonke.** | | | | | ✓ | | |
| **Omahambanendlwana / e-government** | Njengoba kudingeka kodwa asikho isidingo somhlaba | | | | | | |
| **Izikhungo Ezinkulu Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | ✓ | ✓ | ✓ | | | | |
| **Izikhungo Ezikahle Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | | | ✓ | ✓ | | | |
| **Izikhungo Ezincane Zikamasipala/ amahhovisi amakhasimende ahlinzeka ngosizo/ iSikhungo esibizwa ngeSizakala** | | | | | ✓ | ✓ | |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- Izikhungo ezibizwa ngama- Thusong Services Centres e-KZN;
- UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi;
- Imisebenzi Yezolwazi kanye Nokuxhumana kuHulumeni;
- UPhiko Lwezamaphoyisa. uMnyango Wezasekhaya, weZabasebenzi, abakwa-SASSA, oweZokuthuthukiswa Komphakathi, oweZobulungiswa; kanye
- UMasipala Wendawo

**AMAPHUZU ATHINTA INDAWO**

a) Isikhungo ngasinye sihlukile (kuye ngezidingo zomphakathi) futhi izikhungo zingatholakala esakhiweni esisodwa kumbe njengengxenye yezinhlaka ezisesakhiweni. Uma izikhungo zingekho esakhiweni esisodwa, kumele kube ukuthi ziqhelelene ngo-1km ukusuka kwenye.

b) Ngokuvamile izakhiwo zikahulumeni zihlanganisa iHhovisi loMnyango Wezasekhaya, iHhovisi Lezabasebenzi, iHhovisi loMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, iHhovisi lezicelo zezibonelelo zabakwa-SASSA kanye neSiteshi Samaphoyisa. Indawo noma Izinhlaka Zahulumeni zingahlinzekwa nanoma ngabe inani labantu bendawo lingaphansi komkhawulo, uma lelo dolobha liyindawo ehlonziwe yeSifundazwe kumbe iSikhungo Sezinsiza Zasemakhaya noma Idolobha Elihlinzeka Ngezinsiza Ezincane ngokwe-NSDF(2019).

c) Ukuhlelwa kwezinhlaka kumbe kwendawo kahulumeni - inani labahlinzeki-msebenzi abasebenzela ngandawonye ezakhiweni ezihlukene noma endaweni evulelekile. Izakhiwo Zikahulumeni ziyaye zakhiwe uma kungukuthi isikhungo ngasinye sisendaweni yaso sodwa kepha-ke lokhu kwenziwa ngendlela yokuthi kwakhiwe isakhiwo esihlanganisa konke ndawonye. Kuyaye kwenzeke ukuthi yonke iminyango kahulumeni ihlanganiswe esakhiweni esisodwa sikahulumeni kunokuba kuqashwe indawo yokusebenzela.

### 4.4.2 Ezokuthuthukiswa Komphakathi, amaHhovisi akwa-SASSA kanye Nezindawo Okuholelwa Kuzo izibonelelo Zikahulumeni

**INCAZELO**

UMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi usebenzisa izinsiza eziningi ukuze uhlinzeke ngezidingo zomphakathi. Lezi zinsiza zihlanganisa ukusebenza kanye nokwengamela izikhungo ze-ECD, izikhungo ezigcina abantu abadala, nezindawo zokunakekela izingane, ukwesekwa kokuthuthukiswa komphakathi, osonhlalakahle kanye nokunye ukwelulekwa. Isikhungo salo Mnyango i-South African Social Security Agency (SASSA) kanye namahhovisi aso bahlinzeka ngohlelo lokuhlinzekwa kwezinsiza zesibonelelo sikahulumeni endaweni eyodwa egameni loMnyango Kazwelonke ngokusebenzisa amahhovisi ezifunda kanye nawendawo eNingizimu Afrika yonkana. Amahhovisi endawo akwa-SASSA kanye nezindawo zezinsiza bahlinzeka umphakathi ngezinsiza zokufaka izicelo zezibonelelo zikahulumeni.

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| **IHhovisi lakwa-SASSA** | Amahhovisi endawo akwa-SASSA kanye nezindawo zezinsiza bahlinzeka umphakathi ngezinsiza zokufaka izicelo zezibonelelo zikahulumeni.<br>Lokhu kuhle uma kwenzeka eZikhungweni Zikahulumeni, Ezinhlakeni noma Ezindaweni Zikahulumeni. | 30 000 | 120 000 | Izindawo zasemadolobheni: phakathi kwa-15km; izindawo eziseduze nedolobha: ngaphakathi kwa-20km; ezindaweni zasemakhaya ngaphakathi kwa-40km.<br>40 km | AKUKHO |
| **Amahhovisi Ezokuthuthukiswa Komphakathi/ Izindawo Zokusebenzela** | usonhlalakahle oyedwa kubantu abayizi-5 000 ezindaweni zasemakhaya; kusalindelwe ukuphawula mayelana nabanye abasebenzi emahhovisi | 5 000 | AKUKHO | 20 km | AKUKHO |

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| **IHhovisi lakwa-SASSA Elingumahambanendlwana** | Izikhungo esingumahambanendlwana sihlinzeka umphakathi ngezinsizakusebenza zokufaka izicelo zezibonelelo zikahulumeni | AKUKHO | AKUKHO | AKUKHO | AKUKHO |
| **Indawo Okuholwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni - Engaguquki** | Indawo Okuhlwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni yilezo zindawo lapho kukhokhwa khona izimali ezahlukene zezibonelelo zikahulumeni kubantu abahlomula isibonelelo ezikhungweni ezibekiwe noma ezindaweni ezifana nasePosini. | AKUKHO | AKUKHO | 20 km | AKUKHO |
| **Indawo Okuholwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni - Engumahambanendlwana** | Indawo Okuhlwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni yilezo zindawo lapho kukhokhwa khona izimali ezahlukene zezibonelelo zikahulumeni kubantu abahlomula isibonelelo ezikhungweni zesikhashana. | kubantu abangama-200 (kuhlomula abayi-100) | AKUKHO | 5 km | AKUKHO |

Indawo Yesibonelelo Sikahulumeni yilezo zindawo lapho kukhokhwa khona izimali ezahlukene zezibonelelo zikahulumeni kubantu abahlomula isibonelelo. Kuya ngokwandayo, ukusetshenziswa kwama-ejenti (afana neposi, izitolo kanye namabhange) nokuyibo asebeholela abantu futhi-ke ngale ndlela siyancipha isidingo sezikhungo ezithile kanye nesidingo somhlaba wokuqhuba lolu hlelo.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **IHhovisi lakwa-SASSA** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | |
| **Amahhovisi Ezokuthuthukiswa Komphakathi/ Izindawo Zokusebenzela** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |
| **IHhovisi lakwa-SASSA Elingumahambanendlwana** | Uma kunesidingo ezindaweni ezisebangeni lama-40km ukusuka ehhovisi lakwa-SASSA. | | | | | | |
| **Indawo Okuholwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni - Engaguquki** | Kuhlinzekwa ngamabhange, Iposi kanye nezitolo | | | | | | |
| **Indawo Okuholwa kuyo Isibonelelo Sikahulumeni - Ezingomahambanendlwana** | Ibanga yilona elibhekwa kakhulu; okungenani kudingeka abamukeli besibonelelo sikahulumeni abayi-100 abahlala endaweni eqhelelene nosizo ngama-5 km, kuyenzeka futhi kuqashwe labo abahlinzeka ngosizo. | | | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- UMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi
- Abakwa-SASSA

**IZIMO ZENDAWO**

a) Izinsiza zokufakwa kwezicelo zakwa-SASSA kufanele zihlinzekwe ezindaweni ezifinyeleleka kalula izinsuku ezinhlanu ngesonto okungaba sendaweni eyingqalasizinda efana ne-Thusong Centres, Izindawo Zikahulumeni, amahholo omphakathi noma izikhungo zentuthuko ezisendaweni eyodwa bese kuthi amahhovisi angomahambanendlwana wona ahlinzeke izindawo zasemakhaya/eziqhelile emadolobheni nezikhethekile.

b) Kukhuthazwa ukuthi izindawo zokuhola impesheni nosizo lwezenhlalakahle zingahlinzekwa ezindaweni ezizimele zodwa kodwa zifakwe ngaphakathi ezikhungweni ezifana nezitolo, izikhungo zemisebenzi eyahlukene kanye nasemaposini ukuze kube nokuphepha. Ezindaweni ezinabantu abambalwa, ezindaweni ezingaminyene kakhulu kudingeka ukuthi kuhlinzekwe ngezindawo zokuhola ezifinyeleleka kalula. Kuyaye kubasize kakhulu abantu abasebenzisa lezi zinsiza uma zizohlinzekwa ngosuku olulodwa futhi endaweni eyodwa engumahambanendlwana.

c) Ibanga yilona elibhekwa khakhulu okunenani labantu futhi kuyakhula ukuholelwa kwabantu kusetshenziswa iPosi noma izitolo.

**IZIDINGO NGOKWESIZA**

a) Izinsiza kufanele zihlinzekwe ezakhiweni ezinohlelo olunqunyiwe lwezinto ezitholakala endaweni, njengezindlu zangasese, izindawo zokulinda ezigculisayo futhi ezivikelekile esimweni sezulu, amanzi okuphuza kanye nokuthi kuyaxhumaneka ngocingo uma ukule ndawo. Amahhovisi amaningi aqashiwe futhi ahluke kakhulu kumahholo esonto, amahholo omphakathi kanye nezakhiwo zikahulumeni. Akukuhle ukuthi abantu baholelwe ezindaweni ezingenamuntu.

b) Izindawo zokuhola zidinga indawo enkulu yokuma umugqa/noma yokulinda.

### 4.5 Izindawo Zokuqhuba Imicimbi Yomphakathi

#### 4.5.1 Amahholo Omphakathi

**INCAZELO**

Isikhungo noma ihholo lokusingatha imihlangano yomphakathi, ukuqeqeshwa, ezokuzijabulisa kanye neminye imisebenzi ngokunjalo nokuhlinzeka ngezinsiza ezihlukahlukene njengekhishi, izindlu zangasese, indawo yokugcina impahla, njll. nokuhlinzekwa ngenani elimisiwe lokuqashwa. Ukuqasha kwezinye izimo kususelwa esimweni senhlalo-mnotho yendawo ukuze kuhlinzekwe ngosizo olukhonekayo.

*Izikhungo/Amahholo Omphakathi kuvamise ukuba ahlelwe ngokuya ngobukhulu bawo kanye nezinsiza ahlinzeka ngazo njengezikhungo zomphakathi zika-A, B, C, D noma E. Izikhungo zomphakathi zohlobo-E ziwuhlobo oluncane kakhulu futhi ngaphandle kwendawo yehholo akukho okunye ezinakho njengezindlu zangasese, ikhishi, kanti izikhungo zomphakathi zohlobo A zona zinkulu kakhulu, futhi zihlinzeka ngezinsiza eziningi nokuzenza zibe yingxenye yesikhungo somphakathi. Kungenzeka uhluke umthamo wabantu (abantu abahlinzekwayo uma beqhathaniswa nendawo yokuhlala) ezikhungo zomphakathi:*

*Uhlobo A = 60 000; Uhlobo B=30 000; Uhlobo C = 20 000; Uhlobo D = 15 000; Uhlobo E = 10 000 wabantu.*

*Kungenjalo: amahholo angahlukaniswa abe izigaba ezimbili ezimumatha umthamo wabantu abangama-30 000 noma 15 000.*

Amahholo A, B kanye no-C anamakhishi kanye nezihlalo futhi anezinsiza ezanele ukulekelela emicimbini eminingi (ukuqeqeshwa, imibuthano yokuzijabulisa, njll). Amahholo D kanye no-E awanazo izinsiza ezanele futhi ngenxa yesilinganiso sawo aseyaqedwa manje ukuze kusetshenziswe amahholo asezingeni eliphezulu emadolobheni amakhulu kodwa-ke la mahholo angaba wusizo ezindaweni eziqhelile.

Amahholo asezingeni eliphezulu angaba nomsebenzi ombaxambili okuwukuhlinzeka ngezinsiza zemidlalo yasendlini kanye/noma abelwane nesikole eziseduze nawo. [Indawo yokwakha ihholo lomphakathi kungaba yileyo ekhishwe ngaphansi kwesabelomali, kuye ngokuthi ukhona yini umhlaba okungakhiwa kuwo.]

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| **IHholo lesigaba A** | Lapha kuhlinzekwe ngezinsiza eziningi ezihlanganisa ikhishi, izindlu zangasese, indawo yokuhlala, imibhobho nokokulalela, izindawo zokugcina impahla. Lolu hlobo lwehholo linezinsiza ezisezingeni eliphezulu futhi livamise ukuba likhulu kunohlobo-B. | 60 000 | 300 000 | Emadolobheni ngama-15km | 0.5-1.0 ha |

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| **IHholo lesigaba B** | Lapha kuhlinzekwe ngezinsiza eziningi ezihlanganisa ikhishi, izindlu zangasese, indawo yokuhlala, izindawo zokugcina impahla. | 30 000 | 59 999 | Emadolobheni ngama-15km Emakhaya ngama-25km | 0.5 ha |
| **IHholo lesigaba C** | 200m 2 nezindlu zangasese, amahhovisi 2/3 nekhishi | 20 000 | 29 999 | Emadolobheni ngama-15km Emakhaya ngama-25km | 0.4 Ha |
| **IHholo lesigaba D** | 150m 2 nezindlu zangasese, amahhovisi 2/3 | 15 000 | 19 999 | 10-15 km | 0.3 Ha |
| **IHholo lesigaba E** | 80m 2 nezindlu zangasese kanye nehhovisi | 5 000 | 14 999 | 10-15 km | 0.2 ha |

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| IHholo lesigaba A | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | | |
| IHholo lesigaba B | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | |
| IHholo lesigaba C | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | |
| IHholo lesigaba D | | | | | ✓ | ✓ | ✓ |
| IHholo lesigaba E | Lolu hlobo lusetshenziswa kuphela ezindaweni eziseduze nedolobha noma ezikude namadolobha amakhulu. | | | | | | |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- UMnyango Wezamapaki Kamasipala, Ezokungcebeleka kanye Namasiko noma okufanayo
- UMnyango Wezolimo, Ukuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya kanye Nokuvuselelwa Kwemihlaba
- UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana kanye Nobuholi Bomdabu KwaZulu-Natali

**UDABA LOBUNINGI BABANTU**

Ezindaweni ezingaminyene kungahlinzekwa ngamahholo amancane (kodwa anezinsiza eziningi) ngakho-ke nebanga elihanjwayo akufanele leqe imizuzu engama-30 (lapha kunela abantu abangama-15 000 kuya kuma-20 000) . Ezindaweni zabahola kakhulu siyaye sibe khona isidingo sokuhlinzekwa kwamahholo nanoma ngabe isemtapweni wolwazi kumbe ezikhungweni zomphakathi, noma zikhona izikhungo ezizimele. Lokhu kwenzelwa ukuba

kusetshenziswe yilabo bantu abahola kancane njengabasebenzi basemakhishini, njll nokuyibo abadinga izindawo ezikhonekayo.

**IZINTO EZISEMQOKA**

Amahholo omphakathi kufanele akhiwe futhi asetshenziswe ngendlela evumela ukuba kwenziwe izinhlelo eziningi kuwona. Ngakho-ke ngokwesibonelo nje awawona amagumbi okuhlangana kodwa anezindawo zokwenza izinto eziningi/ezivumelana nezimo zokuqeqeshwa, ezobuciko bomdlalo, izinhlelo ezenziwa yintsha, ezemidlalo, imicimbi, ukunakekelwa kwezingane, imihlangano kanye namagumbi ezikhathi ezithile, njll. Lezi zindawo zingasetshenziselwa futhi ukuholiswa kwezibonelelo ngezikhathi ezithile, njemitholampilo engomahambanendlwana, ukubhaliswa kwezakhamizi, ukujova, iziteshi zokuvota neminye imiholo yezenhlalakahle.

**UKWABELANA KANYE NOKUHLANGANISWA KWEZIKHUNGO**

a) Amahholo omphakathi angahlanganiswa nalezi zinhlaka:

- Umtapo wolwazi;
- Isikole samabanga aphansi;
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- inkundla yezemidlalo;
- izinkundla zendawo zezemidlalo;
- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda;
- amadamu akubhukuda;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi
- Iziteshi Zezokucishwa Komlilo; kanye
- nesikhungo sezokucobelelana ngolwazi.

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI:**

- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf
- Green, Chéri. & Argue, Tansy. 2011. Summary Guidelines and Standards for the Planning of eThekwini Social Facilities and Open Spaces. Document reference number: SIR/BE/PSS/ER/2011/0037/B/3 (Version 3.2) September 2011 (Reprinted May 2016)

**4.6 Izindawo Ezivulelekile Zomphakathi**

| **4.6.1** | **Ezemidlalo kanye Nokungcebeleka** |
|---|---|

KWAZULU-NATAL PROVINCE
COOPERATIVE GOVERNANCE AND TRADITIONAL AFFAIRS
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**INCAZELO**

Izindawo ezikhona zezokungcebeleka ezihlanganisa izinkundla zokudlala ibhola likanobhutshuzwayo, lombhoxo, i-hockey, njll., izinkundla zokudlala, amahholo ezemidlalo angaphakathi kanye nezinye izinkundla. Lokhu kubandakanya izindawo zangasese, izihlalo, indawo yokupaka, isitolo esincane kanye ne - club house.

**Ukwabelana Nezikole**
Ukuthi umphakathi wendawo usebenzise izinsiza zesikole lapho kuswelakele khona izindawo zezemidlalo nokungcebeleka kunciphisa ukuswelakala kwalezi zinsiza kuphinde kwenze kube lula ukulawula kanye nokugcina kahle lezi zindawo. Kodwa-ke, kulezi zindawo kungenzeka ukuthi kube yizikole ezintula izinkundla zemidlalo kanye nezinsiza nokugcina sekwenza ukuthi zicele ukusebenzi izinsiza zomphakathi ezihlinzekwe ngumasipala. Izakhiwo ezisanda kwakhiwa njengamahholo ezemidlalo nezinhlelo ezahlukene kanye nezakhiwo eziseduze, noma eziyingxenye yezakhiwo zesikole, kuyizindleko kodwa kuyawonga umhlaba kepha kudingeka ukuba kube nesivumelwano kanye nendlela efanele yokuphatha/isivumelwano sokusetshenziswa ngokuhlanganyela.

**Izinhlaka zezemidlalo zesifunda ezindaweni zikamasipala**
Endaweni yedolobha elikhulu kukhuthazwa ukuba kube nesikhungo esisodwa kubantu abayizi-120 000 nokufanele leso sikhungo sithuthukiswe sibe ngesesifunda, isib. inkundla yezemidlalo enkulu enamalambu akhanyisayo kanye nedamu lokubhukuda lemidlalo yama-Olympic noma isikhungo semidlalo yasemanzini uma kungenzeka.

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| Kufanele kube nendawo engu-0.56ha yezikhungo zezemidlalo ezinela abantu abayi-1000 futhi zonke lezi zinsiza ezibalwe ngezansi kufanele zihlinzekwe kulesi sabelo somhlaba. | | | | | |
| **IHholo Lezemidlalo Nezinye Izinhlelo** | Isikhungo Semidlalo Yangaphakathi esinezinhlobo ezahlukene zemidlalo edlalwayo. | 100 000 | – | 10 km | 0.15ha |
| **Indawo Yezemidlalo** | (Ukuhlukaniswa kwezinkundla zezemidlalo) KANYE/NOMA inkundla eyisiyingi yezokusubatha/ yekhilikithi. | 60 000 | – | 15 km | 1.5-2.5ha |
| **Izinkundla zezemidlalo ezinotshani kanye nezihlalo ezingama-500** | Indawo enotshani (izinkundla zebhola ezimbili ezilinganayo) kanye nesitendi esinezihlalo ezingama-500. | 30 000 | – | 10 km | 1.5 ha |
| **Idamu Lokubhukuda** | Idamu lokubhukuda elingama-25m (kuye ngokuthi angatholakala yini amanzi kanye nesabelomali sokusebenza). | Abantu abangama-30 000 (Emadolobheni amancane) Abantu abangama-60 000 Ezikhungweni Zesifunda | 200 000 | Emadolobheni ngama-10km Emakhaya ngama-25km | 0.18 ha |

| Izikhungo | Incazelo Yesikhungo | Isibalo Esiphansi Sabantu | Isibalo Esiphezulu Sabantu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| | | Abantu abangama-120 000 Komasipala abakhulu | | | |
| **Izinkambu Ezihlelwe Kahle Phansi** | Izinkundla zebhola ezimbili (2) ezilinganayo. Lezi zinkundla kumele zisetshenziswe nayisikole. | 15 000 | – | 10 km | 1.0 ha |
| **Izinkundla zezemidlalo eyahlukene (x2)** | Lokhu kuhlanganisa izinkundla zezemidlalo eyahlukene edinga indawo eqinile phansi. | 15 000 | – | 10 km | 0.3 ha |
| **Inkundla yezemidlalo (enenhlabathi)** | Lezi zinkundla kumele zisetshenziswe nayisikole. | 3 000 | – | 5 km | 0.55 ha |
| **Inkundla eyodwa eqinile phansi** | Lezi zinkundla kumele zisetshenziswe nayisikole. | 3 000 | – | 5 km | 0.1 ha |

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| **IHholo Lezemidlalo Nezinye Izinhlelo** | ✓ | ✓ | ✓ | | | | |
| **Indawo Yezemidlalo** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | |
| **Izinkundla zezemidlalo ezinotshani kanye nezihlalo ezingama-500** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | |
| **Idamu Lokubhukuda** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | | |
| **Izinkambu Ezihlelwe Kahle Phansi** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |
| **Izinkundla zezemidlalo eyahlukene (x2)** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | |
| **Inkundla yezemidlalo (enenhlabathi)** | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Inkundla eyodwa eqinile phansi | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- UMnyango Wezemidlalo kanye Namasiko
- UMasipala Wendawo

**UKWABELANA KANYE NOKUHLANGANISWA KWEZIKHUNGO**

a) Ihholo lezemidlalo yasendlini lingahlanganiswa nalezi zinhlaka:
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- inkundla yezemidlalo;
- izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango);
- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda;
- amadamu akubhukuda; kanye
- nezikhungo zezempilo esigabeni esiphansi.

b) Izinkundla zezemidlalo zingahlanganiswa nalezi zinhlaka:
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango);
- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda; kanye
- namadamu okubhukuda.

c) Izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango) zingahlanganiswa nalezi zinhlaka;
- Isikole samabanga aphansi;
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- inkundla yezemidlalo;
- amapaki akhele indawo kanye nawesifunda; ngokunjalo

- namadamu okubhukuda.

d) Amadamu okubhukuda angahlanganiswa nalezi zinhlaka:
- Isikole samabanga aphansi;
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- inkundla yezemidlalo;
- izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango); kanye
- namapaki akhele indawo kanye nawesifunda;

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI:**


- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf
- The Neighbourhood Planning And Design Guide (Red Book) 2019): Creating Sustainable Human Settlements https://www.csir.co.za/neighbourhood-planning-and-design-guide-red-book
- Green, Chéri. & Argue, Tansy. 2011. Summary Guidelines and Standards for the Planning of eThekwini Social Facilities and Open Spaces. Document reference number: SIR/BE/PSS/ER/2011/0037/B/3 (Version 3.2) September 2011 (Reprinted May 2016)
- Setplan North End. 2000. *Audit, analysis and strategic assessment of standards for the provision of public open space and recreational facilities.* Prepared for Port Elizabeth Municipality. *Report no. B0001.*
- Sport England. 2010. *Sports Halls: Sizes and Layouts*. Available at: http://www.sportengland.org, Date accessed: 25 February 2010.
- Sport England. 2010. *Village and Community Halls*. Available at: http://www.sportengland.org, Date accessed: 25 February 2010.
- The Government of the Hong Kong Special Administrative Region. 2006. *Hong Kong Planning Standards and Guidelines*. Available at: http://www.sportengland.org, Date accessed: 12 February 2007.


| 4.6.2 | Amapaki Omphakathi |
|---|---|

**INCAZELO**

Indawo evulekile enezindawo zokungcebeleka ezisiza umphakathi; kungenzeka ihlanganise izindawo zokungcebeleka ezingenzi lutho noma ezisebenzayo kodwa lokhu akuzibandakanyi izinkundla zemidlalo.

- **Amapaki Akhele Indawo (okubandakanya amapaki amancane, izindawo zemibuthano kanye namapaki asemadolobheni) lawa ngamapaki amancane asetshenziswa ngumphakathi wendawo/ abantu abakhele**

**indawo (nebanga lokufinyelela kuwo lifishane); lapho kuba nezinsiza zezokungcebeleka ezingenahlelo oluqondile kanye nezinhlelo zokuqalisa.**

- **Amapaki Omphakathi ayizindawo ezinkulu zokungcebeleka ezihleleke ngokufanele kanye nezingakahleleki kahle - ngokuvamile lezi zindawo zisebenza ngezindlela eziningi futhi zisetshenziswa ngumphakathi wendawo noma yizindawo ezingaphansi kwedolobha.**
- **Amapaki akhele indawo/nawesifunda kuba ngamapaki amakhulu enza imisebenzi eminingi, ahlinzenga nezidingo ezihlukene zomphakathi wendawo/ wesifunda futhi agcina indawo eyingqayizivele nenkulu kakhulu. Amanye angase athathwe njengama -Strategic Parks, njenge-Botanical & Japanese Gardens eseThekwini ngokunjalo ne-Wylie kanye ne-Alexander Park eseMgungundlovu.**

**IZIKHUNGO NGOKUFINYEZIWE**

| Izikhungo | Incazelo Ngesikhungo | Isibalo Sabantu Esiphansi | Isibalo Sabantu Esiphezulu | Ibanga Elikhulu Elihanjwayo Ukuze Kutholakale Usizo | Ubungako Bendawo |
|---|---|---|---|---|---|
| Isabelo sesisonke samapaki sisukela ku-0.4ha kubantu abayi-1000 komasipala abakhulu kuya ku-0.56ha kubantu abayi-1000 ezindaweni zokuhlala ezinesibalo esincane. Wonke amapaki kufanele akhiwe ngokulandela lolu hlelo lokwabiwa komhlaba. Lokhu akuzibandakanyi iziqiwu, izindawo ezivulekile ezingakathuthukiswa, ulwandle, izintaba njll. | | | | | |
| **Amapaki akhele indawo/ esifunda** | Ahlinzeka isifunda noma ingxenye enkulu yedolobha. Lokhu kungabandakanya izindawo zokungcebelekaza ezinezinsiza ezingenahlelo oluqondile kanye nezinhlelo zokuqalisa. | 60 000 | – | 5-10 km | 3.5ha |
| Amapaki akhele indawo- Amakhulu | Lapha kuhlinzekwa umphakathi wendawo kumbe owakhele indawo. Lokhu kungabandakanya izindawo zokungcebelekaza ezingenahlelo oluqondile kanye nezinhlelo zokuqalisa, izinkundla zemidlalo eyahlukene kanye nezinsiza yokudlala. | kubantu abayizi-15000 | - | 1.5-2km | 1.5ha |
| Amapaki akhele indawo- Amancane | | kubantu abayizi-3000 | - | 1.5-2km | 1.0ha |

**INDLELA YOKUHLINZEKA**

| Indlela Yokuhlinzeka (Izinhlobo Zezindawo) | 1 – Izifunda Dolobha | 2 - Amadolobha kanye Nezikhungo Zesifunda Ezinkulu kakhulu | 3 - Izikhungo Zesifunda | 4 - Amadolobha | 5 - Amadolobha Amancane kanye Nezikhungo Zasemakhaya | 6. Amadolobha Amancane | 7. Izikhungo Ezincane |
|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Amapaki akhele indawo/ Esifunda | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | | | |
| Amapaki-Akhele Indawo | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ | ✓ |

**ABABAMBIQHAZA ABAFANELE**

- Umnyango Wezamapaki, Ezokungcebeleka kanye Namasiko Kumasipala Wendawo

**IZINTO EZISEMQOKA**

a) Izilinganiso zokuhlinzekwa kwezinsiza ezinikezwe kuleli thebula elingenhla (eliphawulwe ngokuthi *) zingehliswa uma amapaki ehlanganiswe nezinkundla zemidlalo, ngaphandle kwalokho ukusetshenziswa kwamapaki amaningi nakho kuholela ekutheni kwengezwe ezokuphepha kanye nokunakekelwa kahle kwamapaki (i-Flea Market yase-Essenwood Park isibonelo esihle salokhu).

b) Umphakathi yasemakhaya uyakweseka ukuhlinzekwa kwezinsiza zokudlala kwezinye izikhungo ezifana nezikole, imitapo yolwazi kanye nezinye izikhungo zezenhlalakahle noma ngabe amapaki awahlinzekiwe (ucwaningo i-CSIR Park Survey olwenziwa eThekwini ngonyaka wezi-2009).

c) Lolu cwaningo luphinde lwaveza ukuthi uma amapaki engenakunakekelwa kahle futhi ahlinzekelwe ngezinsiza ngendlela efanele, abantu bancamela ukusebenzisa amapaki ambalwa kodwa amakhulu anakekelwa kangcono futhi avikeleke kangcono kunokuba bahlinzekwe ngamapaki amaningi amancane angcolile nantula izinsiza.

**UDABA LOBUNINGI BABANTU**

Leli thebula elingezansi lihlinzeka ngesibalo kanye nesibonelo sokuhlinzekwa kwamapaki kubantu abayizi-60 000, uma kusetshenziswa isilinganiso esiphansi sokuhlinzekwa kwama-0.3ha kubantu abayi-1 000.

| Inani elingaba khona lamapaki omphakathi owakhele indawo ahlinzekwa kubantu abayizi-60 000 endaweni engu-0.3ha kungaba abantu abayi-1 000 uma kuhlinzekwa emazingeni ahlukene. | | | |
|---|---|---|---|
| **Uhlobo lwepaki** | **Inani labantu abahlinzekwayo** | **Ha/ Indawo eyodwa (enkulu)** | **Inani lamapaki** |
| Amapaki akhele indawo- amancane | kubantu abayizi-3000 | 1.0ha | 10 |

| | | | |
|---|---|---|---|
| Amapaki akhele indawo- amakhulu | kubantu abayizi-15 000 | 1.5ha | 3 |
| Amapaki Omphakathi | kubantu abayizi-60 000 | 3.5ha | 1 |
| | | | |
| ***Ezingeni lesifunda – enye indawo engama-12ha ingahlinzekwa kubantu abangama-60 000 (kuye ngokwesabelo esingu-0.2ha/1000)*** | | | |

**UKWABELANA KANYE NOKUHLANGANISWA KWEZIKHUNGO**

a) Amapaki akhele indawo angahlanganiswa nalezi zinhlaka:

- Umtapo wolwazi;
- Isikole samabanga aphansi;
- ihholo lomphakathi;
- izinkundla zendawo zezemidlalo;
- ezolimo zasemadolobheni;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi
- izindawo zamabandla; kanye
- nendawo yezokugcinwa kwemvelo.

b) Amapaki esifunda angahlanganiswa nalezi zinhlaka:

- Isikole samabanga aphansi;
- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- inkundla yezemidlalo;
- izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango);
- ipaki yendawo;
- amadamu akubhukuda;
- ezolimo zasemadolobheni;
- Izikhungo zezempilo esigabeni esiphansi
- Iziteshi Zezokucishwa Komlilo; kanye
- nendawo yezokugcinwa kwemvelo.

c) Amapaki endawo angahlanganiswa nalezi zinhlaka:

- Isikole samabanga aphezulu;
- izikole zemfundo ephakeme / ezohwebo;
- ihholo lomphakathi;
- ihholo lezemidlalo yasendlini;
- inkundla yezemidlalo;
- izinkundla zendawo zezemidlalo (kuhlanganisa nezinkundla zemidlalo eyahlukene yasemnyango);
- ipaki yendawo;
- amadamu akubhukuda;

- ezolimo zasemadolobheni;
- Iziteshi Zezokucishwa Komlilo; kanye
- nendawo yezokugcinwa kwemvelo.

**EMINYE IMITHOMBO YOLWAZI:**


- Green, CA & Argue, TC. 2012 (Revised 2015) CSIR Guidelines for the Provisions of Social Facilities in South African Settlements. August 2012: ISBN 978-0-7988-5603-4. http://www.csir.co.za/Built_environment/pdfs/CSIR_Guidelines.pdf
- The Neighbourhood Planning And Design Guide (Red Book) 2019): Creating Sustainable Human Settlements https://www.csir.co.za/neighbourhood-planning-and-design-guide-red-book
- Green, Chéri. & Argue, Tansy. 2011. Summary Guidelines and Standards for the Planning of eThekwini Social Facilities and Open Spaces. Document reference number: SIR/BE/PSS/ER/2011/0037/B/3 (Version 3.2) September 2011 (Reprinted May 2016)


5. UMTHELELA WEZOMTHETHO

**5.1 Abantu okusebenza kubo lezi zinkambiso kanye namaqophelo**

5.1.1. Lezi zinkambiso kanye namaqophelo kubophezelela yonke–

a) iminyango kahulumeni kuzwelonke;
b) iminyango kahulumeni wesifundazwe;
c) womasipala;
d) izinhlangano ezisebenzisana nohulumeni;
e) ezinye izinhlaka zikahulumeni; kanye
f) nezinkampani kumbe abantu abazimele

- abacubungula izicelo zokuhlelwa kwezindawo zokuhlala kanye nokuthuthukiswa komhlaba, bahlele izindawo, bahlinzeke ngezikhungo zomphakathi ezihlonziwe kanye/noma bathuthukise indawo KwaZulu-Natali.

5.1.2. Izikhungo zomphakathi ziyaye zisungulwe uma kunezidingo futhi kunemibandela ethile, uma-ke kuvela isidingo sokuba kusungulwe lezi zikhungo kuyaye kudingeke ukuba kulandelwe futhi kugcinwe lezi zinkambiso kanye Namaqophelo okusebenza.

**5.2** Ukusetshenziswa Kwezinkambiso kanye Namaqophelo

5.2.1. Umasipala kufanele ubheke nalokhu okucaciswe esigabeni 4 & 5 salezi Zinkambiso kanye Namaqophelo Esifundazwe, uma kukhulunywa ngananoma yiluphi uhlelo lwesicelo sokusetshenziswa komhlaba kanye/noma isicelo sokuthuthukiswa kwendawo ukuze lokho kugunyazwe ngumasipala njengoba kubekiwe ngaphansi kwemithetho kamasipala wezokuphathwa kwendlela yokusebenzisa umhlaba.

5.2.2. Uma umhlaba uzosetshenziselwa ukwakha izikhungo zomphakathi kuphela, kufanele lolo phiko/uhlaka oluthintekayo lufake isicelo kumasipala ukuze kuklanywe umhlaba ngendlela efanele.

5.2.3. Lowo mhlaba ozosetshenziselwa ukwakha izikhungo zomphakathi kuphela kufanele uklanywe ulinganiswe nalezo zikhungo ezizokwakhiwa, kungabi ngokobunikazi bawo.

5.2.4. Uma kungenzeka, umasipala kumele uhlanganise izindawo ezifanele zezikhungo zomphakathi ezihlonzwe ngokohlelo lokusetshenziswa komhlaba ngokuthi uklame leyo ndawo okuzokwakhiwa kuyo kunokuba kufakwe isicelo sokuthuthukiswa komhlaba ongaphandle kwendawo okumele isetshenziswe.

5.2.5. Ukuhlelwa kusenesikhathi kwezinhlaka zomphakathi emazingene ahlukene ngokokuhlaliswa kudinga ukuthi kwenziwe ngokokulandelana kwezinhlobo zomsebenzi.

### 5.3 Indawo okusebenza kuyo lezi Zinkambiso kanye Namaqophelo

Lezi zinkambiso kanye Namaqophelo kungokweSifundazwe saKwaZulu-Natali sonkana.

### 5.4 Ezinye izinkambiso kanye namaqophelo aqinile

Umasipala ungabeka izimfuno ezithile m`aqondana nokuhlelwa kanye nokuthuthukiswa kwezikhungo zomphakathi ezihlonziwe eziqondene nawo, futhi lezo zimfuno zibe ngeziqinile kunenkambiso kanye Namaqophelo esifundazwe ngokumayelana nendawo kanye nenhlalo-mnotho kumasipala kumbe ezindaweni ezihlonziwe.

## 6. UKUQALISA UKUSEBENZA

### 6.1 Izinkambiso kanye Namaqophelo kaZwelonke

Kulesi sigaba azikho izinkambiso kanye Namaqophelo kazwelonke osekugazethiwe.

### 6.2 Izinkambiso kanye Namaqophelo Esifundazwe Ahambisanayo

Lezi Zinkambiso kanye Namaqopjelo Esifundazweni saKwaZulu-Natali kufanele kube ngezinye zezinto ezibhekwayo uma umasipala uhlola isicelo sokuhlelwa kanye nokuthuthukiswa kwezikhungo zomphakathi ezihlonziwe: Izinkambiso kanye Namaqophelo maqondana Nokuhlela kanye Nokuthuthukisa Esifundazweni saKwaZulu-Natali eZikhungo Zezobuchwepheshe Bezokuxhumana.

### 6.3 Ukusebenzisana Neminyango Ethintekayo

Nakuba kunendlela ebekiwe yezokusebenzisana komphakathi kanye nababambiqhaza mayelana nemithetho eshayiwe yezokuhlela kanye nokuthuthukisa, iminyango egunyaziwe kanye/noma izinhlaka ezifanele kumele baphasise amaqophelo okuhlinzeka ngomsebenzi (okuhlanganisa inani labantu, indawo, izinga kanye nobungako bendawo) ezikhungweni zomphakathi ezihlongoziwe njengengxenye yohlelo lokufakwa kwesicelo sokusetshenziswa komhlaba ngokususela ngaphansi kwemibandela ebekwe kumhlahlandlela osebenzayo.

### 6.4 Ukuxolelwa

6.4.1. Uma kuneqhaza elithile elibanjwa ngamadolobhana amancane kanye nezindawo zokuhlala njengabahlinzeki bomsebenzi kulezo zindawo abazakhele, futhi lezo zindawo sezingaphezu kwalezo okufanele zihlinzekwe yilawa madolobha kungadingeka ukuba-ke lezo zindawo zihlinzekwe ngezikhungo eziseqophelweni eliphezulu kanye noma ngezinsiza eziningi kunalezo ezihlinzekwa abantu bendawo kodwa lokhu kufanele kube ukuthi kucaciswe kahle futhi kungakhonakala.

6.4.2. Lokhu kubonelelwa ngokwezinkambiso kanye namaqophela okusebenza kungenzeka uma:

a) Idolobhana liyikomkhulu likamasipala wesifunda noma wendawo, kanye/noma lidlala indima enkulu ekuhlinzekweni kwezinsiza zesifunda endaweni njengoba kushiwo ku-SA Functional Town Typology yowezi-2018 kanye noma ne-NSDF Town Typology;

b) Kungumphakathi ongawodwa onokuthile okubalulekile (isib. abantu abayizi-5 000 abaqhele ngokungaphezu kuka-150km edolobheni eliseduze);

c) Kuyindawo ekude, enabantu abancane abangakwazi ukufinyelela kalula ezinsizeni (isib. Abafundi abayi-100 endaweni eqhelile abadinga ukufinyelela emfundweni futhi kungaxazululeki nangokuxhunyaniswa komgwaqo, ngokuhlinzekwa kwezokuthutha kumbe ngezinye izindlela)

d) Kukhona ukuhlinzekwa kwezinsiza okusemlandweni okusazoqhubeka, isib. iqoqo lezikole ezisebenza kahle futhi ezesekwe ngokufanele kumbe idolobha elinamanyuvesi nelidinga izinsiza eziseqopheleni eliphezulu kunalokho okungadingwa umphakathi unomphela; noma,

e) Ukwehluka kwemininingwane yabantu kunesilinganiso sesifundazwe kanti lokhu kudinga iziqophelo eliphezulu/elehlukile ngekwezinsiza ezihlinzekwayo.

f) Inani labantu libonisa ukuncipha kanye nalapho kungasetshenziswa khona ezinye izindlela noma izixazululo zesikhashana.

g) Kuhlonzwe ukuthi kunokushoda komhlaba kwezakhiwo ezintsha isib. ukuphasiswa kwezindawo ezincane ezazinezimboni bese kuye ngokokuhlelwa kwaleyo ndawo kanye nokubonakala kwesidingo.

h) Izindawo ezinezinsiza zigqagqana, noma uma izinsiza sezihlinzekiwe ngokwesilinganiso esidingekayo, kube uma zingekho ngokwanele.

i) Kunengcindezi yokudingeka kwezinsiza, isib. ukudingeka kwemitholampilo noma izikole eziningi kunalezo ezikhona, ukuhlinzekwa kwezinye izikhungo eziningi. (Umtholampilo osedolobheni elisemngceleni).

j) Kwezinye izimo, kungenzeka umphakathi ubonise ukuthi awuzidingi izinsiza ezithile (isib. idamu lokubhukuda) kodwa ungajabulela ukuba kwengezwe ngenye inkundla yezemidlalo.

### 6.5 Imibhalo Yokweseka kanye Nezindlela Zokwenza

6.5.1. Eminye imibhalo engasiza ekucaciseni ngelezi zinkambiso kanye namaqophelo esifundazweni ihlanganisa:

a) Ezamasu Okukhuliswa kanye Nokuthuthukiswa Kwesifundazwe saKwaZulu-Natali (2016);

b) Ezamasu Okuthuthukiswa Komnotho Wesifundazwe;

c) Imihlahlandlela Kazwelonke maqondana Nokuhlinzekwa Kwezikhungo Zomphakathi (CSIR 2015);

d) Uhlelo Olukhulukazi Lwezemigwaqo Yesifunda ( Umnyango Wezokuthutha KwaZulu-Natali 2014);

e) Imihlahlandlela Yokuhlinzekwa Ngendlela Ehlukile Kwezinsiza Zomphakathi Ezindaweni Zasemakhaya Igunyazwe nguMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya kanye Nokuvuselelwa Kwemihlaba. (Green and Argue (CSIR) 2016),

f) Imihlahlandlela Yohlaka Lokutshalwa Kwezimali (CoGTA 2012),

g) Yi-SA Functional Town Typology (2018), kanye

h) Nohlaka Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kwezindawo eNingizimu Afrika.

6.5.2. Indlela yokusebenza ebekiwe kuzwelonke maqondana nokuhlelelwa kwezikhungo zomphakathi, ngokwesekwa yi-DRDLR kanye nangokususela emaqopheleni okusebenza akhona, kungasiza ekusetshenzisweni kwezinkambiso kanye Namaqophelo okusebenza esifundazwe kanti futhi kuyatholakala ku- www.socialfacilityprovisiontoolkit.co.za. Le ndlela inamazinga akhelwe ngaphakathi nasetshenziselwa ukubala isidingo sokuhlinzekwa kwezinsiza ezindaweni ezingathuthukile.

6.5.3. Indlela ewubuchwepheshe yokubala isidingo sezikhungo zomphakathi kanye nezidingo ezihambisana nokusetshenziswa komhlaba (isabelomali somhlaba) kunoma iyiphi intuthuko engase idinge umhlaba, itholakala ku- http://spaceplanner.csir.co.za . Okunye-ke okulandelayo kudinga ukuthi umuntu abe nendlela engamaqophelo okusebenza afisa ukuyisebenzisa kodwa evumela ukubalwa kwenani labantu kanye nesidingo somhlaba ngaphansi kohlu lwezimo zokuminyana kanye nobukhulu bemindeni.

### 6.6 Ukuqalisa

Lezi Zinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza kuzoqala ukusebenza mhla ______________________ kowezi-2022. Lona ngumbhalo wokuqala maqondana neZinkambiso kanye Namaqophelo Okusebenza.

### 6.7 Amakhophi

Amakhophi alezi zinkambiso kanye namaqophelo okusebenza angatholwa kuleli hhovisi elilandelayo:

Kumqondisi Wezokuphathwa Kokusetshenziswa Komhlaba,
UMnyango Wezokubusa Ngokubambisana kanye Nezindaba Zomdabu. Second Floor, Southern Life Plaza.
271 Church Street, Pietermaritzburg. 3201

_________________________ _____________________

UMnu. S. E. Hlomuka Usuku Lokwamukelwa
UNgqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisana kanye Nezindaba Zomdabu
KwaZulu-Natali

